# Isingeniso

Kuyindalo emangalisayo ngempela nebabazeka kakhulu ukuthi Umninimandla Onke akubumbayo wakusekela lapha emhlabeni iminyaka engaphezu kwe 6000. Futhi isiqongo esingumqhele wendalo Yakhe enkulu uhlanga lomuntu olwenziwe ngomfanekiso Wakhe! Lolu hlanga lwabantu olwadalelwa ukuhlala kulomhlaba futhi lusebenzise amandla phezu kwawo. Ngenxa yokuhlakanipha namandla omcabango othe wabekwa phezu komuntu, kanjalo izinhlobo-*homo sapience*-ziphathiswe lelilungelo-kodwa ngaphezu kwakho konke, nguyena kuphela emhlabeni onikezwe ithuba lokuphila ingunaphakade ebukhoneni obujabulisayo boMdali omkhulu kuze kube phakade. .

Njenganoma yiliphi ilungelo nokuziphendulela, lokhu kuhambisana nemibandela. UMdali olungile nonesihe welizwe lonke ubekile lemibandela ngokukhanyayo phambi kwethu futhi usimema ukuba sibonisane Naye ukuze siqonde amalungiselelo esivumelwano Sakhe.

Ngakho-ke, izinyanga ezintathu ngokulandelana kwazo, abafundi besikolo seSabatha emhlabeni wonke bazofunda ngesihloko esibalulekile "Ukubonisana noMdali wethu," Lena inxenye yokuqala yonyaka yochungechunge olunesihloko esithi "Umgcinimafa Weqiniso," zinikeza ukuqonda okubalulekile namagugu amangalisayo eqiniso anenani elikhulu elizowahlomisela ingunaphakade. Bonke abazosindiswa kufanele babe, nokholo olujulile nolweqiniso kuNkulnkulu kanye namava obuKrestu anqobayo ozokhuthazela ngisho nezivivinyo zehora lokugcina omlando walomhlaba.

"Inkolo eqondiswe kwizidalwa ezihlakaniphile izoveza ubufakazi obuzwakalayo beqiniso layo. Ngoba kuzoba nemiphumela ephawulekayo enhliziyweni nasesimilweni. Umusa kaKristu uzobonakala ekuziphatheni kwabo nsukuzonke. Singabuza labo ngokuphepha abazishoyo ukuthi bangcwelisiwe, ingabe izithelo zikaMoya ziyabonakala ekuphileni Kwakho? Ingabe ubonakalisa ubumnene nokuthobeka kukaKristu, wembulo umcabango wokuthi uyafunda imihla yonke esikolweni sikaKristu, ekulolongeni ukuphila kwakho kulandele isibonelo sokuphila Kwakhe kokuzidela?

"Ubufakazi obungcono kakhulu kwanoma ubani angabanabo obokuxhumana kwethu noNkulunkulu wezulu ukuthi sigcine imiyalo Yakhe. Ubufakazi obuhle kakhulu bokukholwa kuKristu ukuba singazithembi sencike kuNkulunkulu. Ubufakazi kuphela obuthembekile boku hlala kwethu kuKristu ukuboakalisa umfanekiso Wakhe. Uma sikwenza lokhu sinikeza ubufakazi bokuthi singcwelisiwe ngeqiniso, ngoba iqiniso libonakala ekuphileni kwethu nsuku zonke."-*Ye Shall Receive Power,* p. 121.

"Kukhona abaningi labo, noma bezama ukulalela imiyalo kaNkulunkulu, abanokuthula okuncane noma injabulo. Ukuswela kwabo amava ngumphumela wokwehluleka ukusebenzisa ukholo. Bahamba kungathi basesihlabathini sosawoti, ihlane elomile. Babiza okuncane, lapho kumele babize kakhulu; ngoba akukho mkhawulo ezithembisweni zikaNkulunkulu."-*The Acts of the Apostles*, p. 563.

Ngumkhuleko wethu ukuthi sonke singanothiswa izifundo zesikolo seSabatha kulekota, nokholo lwethu lungaqiniswa kakhulu ngokubonisana nalowo Owazi Konke!

*Igatsha leSikolo seSabatha kwiGeneral Conference*

ISABATHA, MASINGANA 7, 2023

# *Umnikelo weSabatha Lokuqala*

# *Ngowe Educational and Health Center in Adygea,*

# *North Caucasus, Russia*

Ilizwe laseRussia lingu 17,125,191 square kilometres okuyi (6, 612,073 squire miles) futhi abantu abahlala lapho balinganiselwa kwizigidi ezingu 146, 780, 000, okungukuthi abangu 111 wezigidi ngamaRussia. Phakathi kwesibalo esisele abangu 35 wezigidi bamela izizwe ezingu 180. Inkolo eyaziwayo yiOrthodox (42%), elandelayo ngamaIslam (30%). Ezinye izinkolo kuhlanganisa amaKatolika (3%), Amakholwa akudala (ixuku laseEastern Orthodox Christians) namaProtestanti (2%) ama Buddhism, Judaism and Greek Catholism (1%).

Kusukela ngonyaka ka1925, isigijimi seReform sithe samenyezelwa lapha ezikhathini zonke ezinzima. Abazalwane abaningi bathe bafakwa etilongweni ngenxa Yezwi likaNkulunkulu. Abanye banikela ngokuphila kwabo ngenxa yeqiniso. Ngeminyaka yo 1990's ibandla lethu lathola ithuba lokushumayela ngokukhululeka futhi lisebenza ngokukhuthala ngalelithuba. Ngonyaka kaJune 2018, iRussian Union yahlelelwa umsebenzi. Eminyakeni embalwa yokugcina, amathuba ethu wokushunayela endaweni evulekile ancipha kakhulu, kanjalo besilokhu sifuna isicephu sendawo ephakathi kwemvelo ukubamba imihlangano kanye nokuhambisa umsebenzi wezempilakahle. INkosi ivumile ukuba sithenge indawo engange 5 hectares ngasegqumeni ezintabeni zase Caucasus ngombono wezindawo zobuhle obumangalisayo. Njengoba kunzima ukuba sithole amanzi esifundeni sezintaba, inani lentengo yalomhlaba beyiphansi kakhulu. Kodwa iNkosi yakunakekela lokho yasisiza ukuba sithole umthombo wamanzi kungewona owokuphuza kuphela, kodwa nechibi. Siyayibonga kakhulu iNkosi ngokuHlinzekela Kwayo! Ehlobo ngonyaka ka2019, sabamba umhlangano wokuqala kulendawo, noma saphumelela ukwakha izakhiwo ezimbili zasehlobo zomhlangano, indawo yokudlela, kanye nezindu ezimbili ezincane. Udokotela wamenywa ukuba abambe umhlangano wezempilakahle kulendawo. Ngokuvumelana nokukhanya okuvela kuMoya wesiProfetho ebheke nezimo zethu, sibona okungenzeka okukhulu maqondana nomsebenzi wezempilo uma izindawo ezifanelekile zalenhloso zingakhiwa.

Siyakholwa ukuthi ngomusa kaNkulunkulu kanye nosizo oluvela kubazalwane emhlabeni wonke, iNkosi izosisiza ukuphelelisa lomsebenzi ongeke wenzeka kubazalwane abasendaweni ukuba bazikhokhele ngokwabo. Kwangathi iNkosi ingabusisa wonke umuntu othanda ukuxhasa lomsebenzi ngemikhuleko kanye nemali.

*Abazalwane benu nodade abavela kwiUnion yaseRussia*

**Isifundo 1** **ISabatha, Masingana 7, 2023**

# Izwi likaNkulunkulu Kubantu Namuhla

**IVESI LEKHANDA: "Usho kanje uJehova Sebawothi uthi; Uqalekisiwe umuntu othemba kubantu, ayenze inyama ibe yingalo yakhe, nonhliziyo yakhe isuka kuJehova" (Jeremiya 17:5).**

Ngomusa Wakhe nangokwethembeka uNkulunkulu kaningi uvumela labo esibathembayo ukuba behluleke kithi, ukuze sifunde ukwenza ubuwula bokuthembela kumuntu nokuba senze inyama ibe yingalo yethu."-*The Ministry of Healing,* p. 486.

**Izincwadi Enikeziwe:** *Counsels to Parents, Teachers, and Students, pp. 460-463.*
*Fundamentals of Christian Education, pp. 129-137.*

## *NgeSonto* *Masingana 1*

### 1. LANIKEZWA KANJANI IBHAYIBHELI?

**a. Imibhalo yanikezwa ngayiphi indlela? (Nikeza imininingwane.) 2 Thimothi 3:16; 2 Peter 1:21; Numeri 12:6.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Akuwona amazwi eBhayibheli aphefumulelwayo, kodwa ngabantu abaphefumulelwa. Ugqozi alusebenzi ngamazwi omuntu noma ukusho kwakhe kodwa kumuntu ngokwakhe, lowo, ngaphansi komfutho woMoya Ongcwele, ugcwaliswa ngemicabango. Kodwa amazwi nemicabango athola umbono womqondo ngamunye. Umqondo ongcwele uyahlakazwa. Ingqondo engcwele nentando zihlanganiswa nengqondo yomuntu nentando; kanjalo amazwi omuntu aba ngamazwi kaNkulunkulu."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 21.

**b. Uma ufuna ukuqondiswa okuvela kuNkulunkulu, kuyini esingakuqonda ngamaphupho nemibono? Duteronomi 13:1-5; Jeremiya 29:8.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

**c. Yiziphi zinye izizathu ezibangela amaphupho? Umshumayeli 5:3, 7.**

**d. Singabahlola kanjani abaprofethi? 1 Korinte 14:32; Isaya 8:19, 20.**

## 2. INGABE IMIBHALO IYATHEMBAKALA?

**a. Singathembela ngezinga elingakanani ukuhlanzeka kwezwi likaNkulunkulu? Amahubo 12:6, 7.**

---

"SineBhayibheli eligcwele iqiniso eliyigigu kakhulu. Liqukethe ulwazi ngoAlfa noOmega."-*Gospel Workers,* p. 309.

"EBhayibhelini sinomeluleki kaNkulunkulu ongaphuthi. Izimfundiso zalo, uma kwenziwa, kuzokwenza abantu balungele noma yisiphi isikhundla somsebenzi. Kuyizwi likaNkulunkulu elikhuluma nsukuzonke emphefumulweni. Ngokunakekela omusha ofunda izwi likaNkulunkulu aligcine enhliziyweni, ukuthi izimiso zalo zenzelwe ukulawula ukuziphatha konke."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, p. 441.

"Ezwini Lakhe, uNkulunkulu unikile abantu ulwazi olubalulekile lwensindiso. Imibhalo Engcwele kumele yamukelwe njengegunya, isambulo esingenakuduka sentando Yakhe. Ziyisilinganiso sesimilo, isambulo semfundiso, nokuvivinywa kwamava."-*The Faith I Live By,* p. 13.

"[Abasha] badinga umaluleki ongaphuthi, umholi ongenakuduka. Lokhu bazakuthola Ezwini LikaNkulunkulu. Ngaphandle uma bengabafundi abakhuthele balelozwi, bazokwenza amaphutha amakhulu, azolimaza injabulo yabo neyabanye, kokubili okwamanje kanye nokuphila okuzayo."-*Messages to Young People,* p. 443.

**b. Zihlala isikhathi esingakanani izimiso ezitholakala emiBhalweni? Mathewu 24:35; Amahubo 119:160; Isaya 40:8.**

---

"[UKristu] wafundisa ukuthi izwi likaNkulunkulu kwakufanele liqondwe yibobonke. Wakhomba imiBhalo njengegunya elingenakuphikiswa, nathi kumele senze kona lokho. IBhayibheli kufanle lilethwe njengezwi likaNkulunkulu ongapheliyo, njengesiphelo sempikiswano yonke nesisekelo sokukholwa konke."-*Christ's Object Lessons,* pp, 39, 40.

"IBhayibheli, uma lamukelwa ngokuphelele futhi lifundwa njengezwi likaNkulunkulu, litshela umkhaya woluntu ukuthi ungafinyelela kanjani kwikhaya lenjabulo engapheli, futhi bavikele ingcebo yasezulwini."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 444.

"Ingabe imfundo enikelwa ezikolweni zethu ukuba nesimilo esizonika ulwazi olunqumayo lezwi likaNkulunkulu, nelizoletha umphefumulo ekuxhumaneni okudingekayo noNkulunkulu, bagcina uNkulunkulu phambi kwamehlo abo, bevusa wonke umuzwa ongcono womphefumulo? Lolu uhlobo lwemfundo eqinile njengephakade."-*General Conference Daily Bulletin,* Ndasa 6, 1899.

## 3. UKUTHOLA IMIBHALO EPHEFUMULELWE NGUMOYA

**a. Kuyini esingakuqonda lapho uNkulunkulu ekhuluma ngabaprofethi Bakhe? Jeremiya 1:4-9; 1 Thesalonike 2:13.**

---

"UKristu wafundisa abafundi Bakhe ukuthi kwakufanele bavule izingqondo zabo kwiziluleko, balungele ukukholwa. Wamemezela isibusiso kubo ngoba babebona futhi bezwa ngamehlo nangezindlebe bakholwa.

"Kuphela lowo owamukela iMibhalo njengezwi likaNkulnkulu likhuluma kuye ungumfundi weqiniso. Uyathuthumela ngezwi; ngoba kuye liyiqiniso eliphilayo."-*Christ's Object Lessons,* p. 59.

"IBhayibheli likhomba uNkulunkulu njengombhali walo; nokho lalotshwa ngezandla zomuntu, futhi nangendlela ehlukahlukene yezincwadi zayo ezahlukene liveza izimpawu zababhali abaningana. Amaqiniso aveza ukuthi 'yonke imibhalo iphefumulelwa nguNkulunkulu' (2 Thimothi 3:16) nokho igcizelelwa ngamazwi abantu. Lowo ongapheliyo ngoMoya Wakhe Ongcwele uthe wakhanyisa izingqondo nezinhliziyo zezinceku Zakhe. Uzinikile amaphupho nemibono, imifanekiso nezilinganiso; nakulabo amaqiniso abathe bawembulelwa, bona ngokwabo bahlanganise umcabango ngolwimi lwabantu."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 25.

**b. Kuyini lokho uNkulunkulu avame ukukwembula ngabaprofethi Bakhe ukuze basisize sibenokuqonda ulwazi-lonke nobunjalo bemvelo engunaphakade kaNkulunkulu? Amose 3:7; Isaya 46:9, 10.**

"Umlando nesiprofetho kufakazela ukuthi uNkulunkulu welizwe lonke wembula izimfihlakalo kubathwali Bakhe bokukhanya abakhethekile ukuba bakuyise emhlabeni. Izwe elingabazayo, ukukhuluma nokubhala ngemfundo ephakeme, ukubalula ngezinto engaziqondi. Aliboni ukuthi imfundo ngempela ephakeme ingukuqonda ulwazi oluphelele ngoNkulunkulu noJesu Kristu, aMthumileyo. Bambalwa abaqondayo ukuthi yonke isayensi yomuntu ivela kuNkulunkulu wesayensi, nokuthi uNkulunkulu ubonisa umhlaba ukuthi uyiNkosi phezu kwakho konke."-*Bible Training School,* Zibandlela 1, 1912.

"Emibhalweni yomlando womuntu ukukhula kwezizwe, ukuvuka nokuwa kwemibuso, kubonakala sengathi kuncike entandweni nasemandleni omuntu; ukwakheka kwezehlakalo kubonakala ngezinga elikhulu, elinqunywa ngamandla akhe, isifiso sokuvelela, noma ukuguquguquka. Kodwa ezwini likaNkulunkulu ikhethini lihlehliselwa eceleni, futhi sibona, phezulu, ngemuva, nakuwo wonke umdlalo nokuphikisana kwezintakazelelo zomuntu namandla kanye nentshiseko, izithunywa zaLowo onesihawu sonke, ngokuthula, esebenza ngesineke sokuqondisa kwentando Yakhe."-*Prophets and Kings,* pp. 499, 500.

## 4. KUYINI OKUDINGEKA OHLANGOTHINI LWETHU

**a. Uhlobo olunjani lwesimo okufanele sibenaso uma sifunda iBhayibheli? Isaya 66:1, 2; Johane 7:17; Izenzo 17:10, 11.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Lapho umphefumulo uzinikela kuKristu, amandla amasha athatha indawo enhliziyweni entsha. Inguquko iyalethwa leyo umuntu angeke ayifeza ngokwakhe. Kungumsebenzi ongaphezu kwemvelo, oletha isici esingaphezu kwemvelo yomuntu. Umphefumulo ozinikela kuKristu uba yinqaba Yakhe, ayibambe ezweni elihlubukayo, futhi uhlose ukuthi kungabi namandla azokwaziwa kuwo ngaphandle kwaWakhe. Ngakho-ke umphefumulo ugcinwa izithunywa zasezulwini ungenakunqotshwa ukuhlasela kukaSathane. Kodwa ngaphandle kokuthi sizinikele ekulawuleni kukaKristu, siyobuswa ngomubi."-*The Desire of Ages,* p. 324.

"Ukuphikisa, ukubuza, ukugxeka, ukubhuqa, kuyimfundo abaningi abayitholile nezithelo abazithelayo. Ukwenqaba ukwamukela ubufakazi. Inhliziyo yemvelo isempini yokumelana nokukhanya, iqiniso, kanye nolwazi. UJesu Kristu ubelokhu ekuwo wonke amakamelo okulala lapho bethokoziswa khona. Mingakhi imikhuleko enyukela ezulwini isuka kulawo makamelo."-*The Ellen G. White 1888 Material*, p. 140.

"Asikho isiqiniseko sokuthi imfundiso yethu ilungile futhi ayinawo wonke amakhoba namaphutha ngaphandle uma senza intando kaNkulunkulu nsuku zonke. Uma senza intando Yakhe, sizokwazi nemfundiso. Sizobona iqiniso ebuhleni balo obungcwele. Sizolamukela ngenhlonipho nangokumesaba uNkulunkulu, futhi lokho esikwaziyo ukuthi kuyiqiniso singakwethula kwabanye. Akufanele kubekhona umuzwa wokuphakama noma ukuziphakamisa kulomsebenzi onesizotha."-Ibid., p. 46.

**b. Iyiphi inxenye yeBhayibheli ebaluleke ngaphezu kwazo zonke ezinye? Roma 15:4; Luka 24:27; Isaya 28:10.**

______________________________________________________________________

"Yonke inxenye yeBhayibheli iphefumulelwa uNkulunkulu futhi inenzuzo. ITestamende Elidala, elingengaphansi kweLisha, kufanele linakwe. Njengoba sifunda iTestamende Elidala sizothola imithombo ephilayo egelezayo lapho ofunda ngokunganaki ebona kuphela ugwadule.

"ITestamende Elidala linikeza ukukhanya phezu kweLisha, neLisha phezu kweliDala. Ngalinye liyisambulo senkazimulo kaNkulunkulu kuKristu."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students,* p. 462.

## *Ngolwesine* ***Masingana 5***

## 5. AKWANELE UKUFUNDA NJE NOKUPHONONONGA

**a. Kuyini okumele sikwenze ngezinto esizifundayo uma sifunda uMbhalo Ongcwele? Izaga 2:1-5; Amahubo 119:11, 16.**

___

"UMoya Ongcwele uthanda ukukhuluma nabasha, nokubembulela ingcebo kanye nobuhle bezwi likaNkulunkulu. Izithembiso ezakhulunywa nguThishela omkhulu zizothumba imizwa futhi zenze umphefumulo uphile ngamandla angcwele. Bazokhula engqondweni bathele izithelo ezijwayelene nezinto zaphezulu eziyoba uthango lokuvikela izilingo.

"Amazwi eqiniso azokhula ebalulekile, futhi sithathe ububanzi nokugcwala kwencazelo esingakaze siyiphuphe. Ubuhle kanye nokufinyelela kwegama kunomfutho oguqulayo engqondweni nasesimilweni. Ukukhanya kothando lwasezulwini kuzowela enhliziyweni ephefumulelwe."-*Christ's Object Lessons,* p. 132.

**b. Uma singenisa lezizinto enhliziyweni, sifaniswa nani? Luka 6:46-49.**

___

"Inhliziyo egcinwe ngeqiniso eliyigugu Lezwi likaNkulunkulu iyaqiniswa ukuze imelane nezilingo zikaSathane, ukumelana imicabango engcolile nezenzo ezimbi."-*My Life Today,* p. 28.

**c. Kuyini okufanele sikucele eNkosini ukuba isenzele kona, futhi kungani? Amahubo 119:133.**

"Ukuhlakanipha okuvela kuNkulunkulu kuzoqondisa amanyathelo alabo abathembela kuJehova. Uthando olungcwele luzobahaqa, futhi bazoqonda ukubakhona koMduduzi, uMoya Ongcwele."-*Our High Calling,* p. 324.

## *Ngolwesihlanu* ***Masingana 6***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kungayiphi indlela ukuphefumulelwa okungcwele kwanikezwa umuntu?**
2. **Singalithemba ngezinga elingakanani iBhayibheli, futhi kungani?**
3. **Iyini inhloso yokunikeza imiBhalo ngokwesiprofethi, nokuthi yonke imibhalo ephefumulelwe iza ngagunya liphi?**
4. **Isimo sengqondo sithinta kanjani ukufunda iBhayibheli?**
5. **Sakha kanjani ukuphila kwethu phezu kwesisekelo esiqinisekile?**

**Isifundo 2** **ISabatha, Masingana 14, 2023**

# Izwi likaNkulunkulu Elinamandla

**"IVESI LEKHANDA: "Nkulunkulu, dala kimi inhliziyo ehlanzekileyo; uvuse umoya oqinileyo phakathi kwami" (Amahubo 51:10).**

"Izilingo zibonakala kaningi zingenakuvinjelwa ngoba, yokunganaki kwethu ukukhuleka nokufunda iBhayibheli, lowo olingwayo angeke akhumbula masinyane izithembiso zikaNkulunkulu nokuhlangabezane noSathane ngezikhali zeMibhalo."-*The Great Controversy,* p. 600.

**Incwadi Enikeziwe:** *Fundamentals of Christian Education,* pp.123-128.

## *NgeSonto* ***Masingana 8***

## 1. AMABUTHO ESIPHAMBANO

**a. Kuyini okufanele sikuqaphele njalo ekuhambeni kwethu emhlabeni? 1 Peter 5:8. Ngakho-ke uPawule uqhathanisa kanjani ukuphila komKrestu? 2 Thimothi 2:3.**

______________________________________________________________________

"Akukho lutho olungenakuzisiza, akukho okungancika ngokwedlulele, kunomphefumulo ozizwa ungelutho futhi othembele ngokuphelele ebuhleni begazi loMsindisi owabethelwa wabuye wavuka. Ukuphila koMkrestu ukuphila kwempi, yokungqubuzana okuqhubekayo. Kuyimpi kanye nohambo. Kodwa zonke izenzo zokulalela uKristu, zonke izenzo zokuzidela ngenxa Yakhe, konke ukulingwa okubekezelelwe, konke ukunqoba okuzuzwa phezu kwesilingo, kuyinyathelo lohambo oluya enkazimulweni yokunqoba kokugcina."-*That I May Know Him,* p. 253.

**b. Singaba ngabanqobi kuphela kanjani ekugcineni? Efesu 6:11-17.**

"Labo abazohloma ngazo zonke izikhali zikaNkulunkulu futhi banikele isikhathi esithile nsuku zonke ekuzindleni nokukhuleka nokufunda Imibhalo bazoxhunyaniswa nezulu futhi, babenomfutho osindisayo noguqulayo kulabo ababazungezile. Imicabango emikhulu, izifiso ezihle, imibono ecacile, yeqiniso nomsebenzi kuNkulunkulu, kuzoba ngeyabo…Lelixuku lizoba nesibindi esingcwelisiwe sokusondela ebukhoneni baLowo Ongapheliyo. Bazozwa ukuthi ukukhanya nenkazimulo yezulu kungokwabo…futhi bazocwengeka, baphakanyiswe, bakhuliswe ngenxa yokuxhumana okuseduze noNkulunkulu. Kanjalo kuyilungelo loMkrestu weqiniso."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 112, 113.

## 2. AMANDLA EZWINI

**a. Linamandla kanjani iZwi uma lamukelwa ngempela emphefumulweni? Heberu 4:12.**

________________________________________________________________________

"Amazwi aphefumulelwe, acatshangwa enhliziyweni, azofana nemithombo esuka emfuleni wamanzi okuphila. UMsindisi wethu wakhulekela ukuthi izingqondo zabafundi zingavuleka ekuqondeni Imibhalo. Futhi njalo uma sifunda iBhayibheli ngenhliziyo enxusayo, uMoya Ongcwele useduze ukusivulela incazelo yamazwi esiwafundayo."-*Our High Calling,* p. 205.

"Iqiniso elisebenzayo kufanele lifakwe ekuphileni, futhi iZwi, njengenkemba ebukhali, esika nhlangothi zombili, kufanele lisuse amanyela omina akhona ezimilweni zethu.

"Izwi lenza lowo ozidlayo azithobe, ongathobekile abe ngothobekile, ongalaleli abe ngolalelayo. Lemikhuba yesono engokwemvelo yokona komuntu ihlanganiswa nenqubo yansuku zonke. Kodwa Izwi lisusa inkanuko yenyama. Lahlulela imicabango nezizindlo zenhliziyo. Lahlukanisa umsipha nomkatsha, lisusele kude inkanuko yenyama, lenze ukuba abantu bazimisele ukuhlupheka ngenxa yeNkosi yabo."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 7, p. 928.

**b. Ekuqaleni, iZwi ladala ngokushesha kangakanani izulu nomhlaba? Genesis 1:1; Amahubo 33:6, 9.**

________________________________________________________________________

**c. UNkulunkulu wadala ngani ebonakalayo imihlaba esebenzisa izwi Lakhe? Heberu 11:3. Ngemva kokudala imihlaba, ingabe uNkulunkulu wayiyeka indalo ukuba izinakekele ngokwayo? Heberu 1:3**

________________________________________________________________________

"Amandla afanayo okudala enza umhlaba wabakhona asetshenziswa ekusekeleni indawo yonke futhi aqhubekisele phambili ukusebenza kwemvelo. Isandla sikaNkulunkulu siqondisa imihlaba ekuhambeni kwawo okuhlelekile emazulwini. Akuwona amandla emvelo ukuthi unyaka nonyaka umhlaba uqhubekele phambili kuhambo lokujikeleza kwawo ilanga nokukhiqiza ubuhle bawo. Izwi likaNkulunkulu lilawula izinto zonke. 'Osibekela izulu ngamafu, olungisela umhlaba imvula, ohlumisa utshani ezintabeni,' Amahubo 147:8. Kungenxa yamandla Akhe ukuthi okuluhlaza kuchume, ukuthi amaqabunga avele nezimbali ziqhakaze."-*Counsels to Parents, Teachers, and Students,* pp. 185, 186.

## 3. UKUBONA ISONO

**a. Sabayini isifiso sikaDavide ngemva kokuba enze isono kuNkulunkulu nakuBatsheba? Amahubo 51:1-4.**

___________________________________________________________________________

**b. Lapho sifunda amazwi kaDavide okuphenduka alondolozwe emlandweni waphezulu, okwakumkhathaza kakhulu-imiphumela ayezobhekana nayo-noma ukubuyisela ubuhlobo noNkulunkulu? Amahubo 51:5-10.**

___________________________________________________________________________

"Unyaka wonke emva kokuwa kwakhe uDavide wahlala evikelekile; babungekho ubufakazi bangaphandle bokucasuka kukaNkulunkulu. Kepha isigwebo sasilenga phezu kwakhe. Ngokushesha futhi ngokuqinisekile usuku lokwahlulela nokujeziswa lwalusondela, okungekho ukuphenduka okungagwenywa, kanye nobuhlungu namahloni okwakuyokwenza kubemnyama yonke impilo yasemhlabeni. Labo abathi, ngokukhomba isibonelo sikaDavide, bazame ukunciphisa icala lezono zabo, kufanele bafunde emlandweni weBhayibheli ukuthi indlela yokweqa inzima. Noma uDavide waphenduka endleleni yakhe embi, umphumela wesono, kwalokhu kuphila kutholakala umunyu futhi okunzima ukubekezelelwa."-*Patriachs and Prophets,* pp. 723, 724.

"Ukuphenduka kukaDavide kwakuqotho futhi kujulile. Kwakungekho umzamo wokwemboza icala lakhe. Sasingekho isifiso sokubalekela isijeziso esisongelwe, yikona okwachukumisa umkhuleko wakhe. Kodwa wabona ubukhulu besiphambeko sakhe kuNkulunkulu; wabona ukungcola komphefumulo wakhe; futhi wenyanya isono sakhe. Kwakungekona ukuthethelelwa kuphela ayekuthandazela, kodwa ukuhlanzeka kwenhliziyo. UDavide azange aphelelwe yithemba azinikele emzabalazweni. Ngezithembiso zikaNkulunkulu kwisoni esiphendukayo wabona ubufakazi bokuthethelelwa nokwamukelwa kwakhe."-Ibid., p. 275.

"UDavide wathethelelwa isiphambeko sakhe ngoba wathobisa inhliziyo yakhe phambi kukaNkulunkulu ngokuphenduka nokusola umphefumulo, wakholwa ukuthi izithembiso zikaNkulunkulu zokuthethelela zizogcwaliseka. Wavuma isono sakhe, waphenduka, wazalwa kabusha. Ngokuthokozela ithemba lokuxolelwa, uthi, 'Ubusisiwe osiphambeko sakhe sithethelelwe, osono sakhe sisibekelwe. Ubusisiwe umuntu uJehova angambaleli isiphambeko, kungekho nkohliso emoyeni wakhe.' Amahubo 32:1, 2. Izibusiso ziza ngenxa yokuthethelelwa; ukuthethelelwa kuza ngenxa yokukholwa ukuthi isono, esivunyiwe nokuguqukwe kuso, sithwele nguMthwali weSono. Kanjalo kuKristu kuvela zonke izibusiso zethu. Ukufa Kwakhe ngumhlatshelo ohlangula izono zethu. UnguMxhumanisi omkhulu kuyena sithola isihawu nomusa kaNkulunkulu."-*Our High Calling,* p. 83.

## 4. AMANDLA AGUQULA INHLIZIYO YOMUNTU

**a. Kuyini okunikeza ithemba lokuthi kungenzeka uguqule ukuphila okungcolile, okunesono kube ngokuhlanzekile? Jobe 14:4; Jeremiya 13:23; Hezekeli 36:26, 27.**

"Kuyiqiniso ukuthi kungabakhona ukulunga kwangaphandle kokuziphatha ngaphandle kwamandla kaKristu avuselelayo. Uthando lomfutho nesifiso sokuhlonishwa kwabanye kungaveza ukuphila okuhlelekile. Ukuzihlonipha kungase kusiholele ekugwemeni ukubonakala kobubi. Ukuzwa ngobugovu kungase kwenze izenzo zokuphana sizonquma ngaziphi izindlela-ke ukuthi singasohlangothini lukabani."-*Steps to Christ,* p. 58.

"UNkulunkulu unikile izindlela eziningi zokulwa ngempumelelo nobubi obusemhlabeni. IBhayibheli liyinqolobane yezikhali lapho singahlomela khona umzabalazo."-*The Acts of the Apostles,* p. 502.

**b. Iyiphi indlela kuphela inhliziyo yomuntu eyonakele engaguqulwa ngayo ibeyileyo ezothokozela ukulunga? Johane 3:3**

________________________________________________________________________

"Izinto ngaphambili ezazizondwa manje ziyathandwa, nezinto ngaphambili ebezithandwa manje ziyazondwa. Abazidlayo baba mnene futhi bazithobe ngenhliziyo. Abayize nabanolaka bangagudluzwa. Odakwayo abe ngophapheme, noziphatha kabi ahlanzeke."-*Steps to Christ,* p. 58.

**c. Buyini ubufakazi balenguquko? Galathiya 5:22, 23.**

"Imvelo yakudala, ezelwe ngegazi nangentando yenyama, angeke yalidla ifa lombuso wezulu. Izindlela zakudala, imikhuba yozalo, imikhuba yakudala, kumele ziyekwe; ngoba umusa awutholwa. Ukuzalwa kabusha kugcwaliswa ngezinhloso ezintsha, unambitho olusha, nemikhuba emisha. Labo abazalelwe ekuphileni okusha ngoMoya Ongcwele, sebengabahlanganyeli bemvelo yobuNkulunkulu, futhi yonke imikhuba nezenzo bazonikeza ubufakazi bobudlelwano babo noKristu. Lapho abantu abazishoyo ukuthi bangamaKristu begcina bonke ubuthakathaka bemvelo yesimilo nokuhlelwa, ingabe isimo sabo sehluke kanjani kwesomhlaba? Abalithokozeli iqiniso njengomngcwelisi, nomcwengi. Abazalwanga kabusha."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 6, p. 1101.

## *Ngolwesine* ***Masingana 12***

## 5. UKUZALWA NGEZWI LIKANKULUNKULU

**a. Kuyini okunamandla okwenza inguquko ngempela enhliziyweni eyonakele, yomuntu omubi? Roma 1:16; Johane 1:1; 15:3; 1 Peter 1:23.**

______________________________________________________________________

"IBhayibheli lingumlando omangalisayo kunayo yonke, ngoba lingumkhiqizo kaNkulunkulu, akusilo lengqondo efayo. Lisibuyisela emuva iminyaka eyizinkulungwane ekuqaleni kwezinto zonke, liletha umlando wezikhathi nezehlakalo ngesinye isikhathi engabe asizazanga. Lembula inkazimulo kaNkulunkulu ekusebenzeni kokuhlinzekela Kwakhe ukusindisa umhlaba owileyo. Liveza ngendlela yolwimi olulula amandla amakhulu evangeli, lelo, uma lamukelwa, lizonqamula amaketanga abophela abantu enqoleni kaSathane."-*Fundamentals of Christian Education,* p. 377.

**b. Izwi lisebenza kanjani kithi, futhi kungani lokhu kudingeka ukuze siphile ngokunqoba? Roma 10:17; 1 Johane 5:4. Silugcina kanjani loluhlobo lokunqoba ekuphileni kwethu konke? Kolose 2:6.**

______________________________________________________________________

"Njengoba ukukholwa kwamukelwa kanjalo futhi kuhlanganise izimiso zeqiniso, zibe inxenye yomzimba namandla enhloso yokuphila. Izwi likaNkulunkulu, uma lamukelwa emphefumulweni, libumba imicabango, futhi lingene ekuthuthukiseni isimilo.

"Ngokubheka njalo kuJesu ngeso lokukholwa, sizoqiniswa. UNkulunkulu uzokwenza izambulo eziyigugu kubantu Bakhe, abalambile, nabomile. Bazothola ukuthi uKristu nguMsindisi wabo. Njengoba bezondla ngezwi Lakhe, bazothola ukuthi lingumoya lingukuphila. Izwi libulala imvelo, imvelo yomhlaba, futhi linikeza ukuphila okusha kuKristu Jesu. UMoya Ongcwele uza emphefumulweni njengoMduduzi. Ngesithunywa esiguqulayo somusa Wakhe, umfanekiso kaNkulunkulu ubonakala kumfundi; uba ysidalwa esisha. Uthando luthatha indawo yenzondo, nenhliziyo yamukela ukufana okungcwele."-*The Desire of Ages,* p. 391.

## *Ngolwesihlanu* ***Masingana 13***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Inzima kangakanani impi yoMrestu nobubi?**
2. **Ngeyiphi indawo ebalulekile Izwi elinayo kulempi-na?**
3. **Kungenzeka kanjani ukuba sizwisise ukujula kwemvelo ebulalayo yesono?**
4. **Ukuguqulwa komphefumulo kwenzeka kanjani?**
5. **Sigcina kanjani ubuhlobo bethu noKristu?**

**Isifundo 3** **ISabatha, Masingana 21, 2023**

# Izinyoka Ezinesihlungu

**IVESI LEKHANDA: "Zanini kimi-nina nonke enikhatheleyo nenisindwayo, mina ngizakuniphumuza. Bekani ijoka lami phezu kwenu, nifunde kimi, ngokuba ngimnene, ngithobile ngenhliziyo; khona imiphefumulo yenu iyakufumana impumuzo. Ngokuba ijoka lami lihle, nomthwalo wami ulula" (Mathewu 11:28-30).**

"Ubuntu bendodana kaNkulunkulu buyinto yonke kithi. Buyiketanga legolide elihlanganisa imiphefumulo yethu kuKristu, futhi ngoKristu kuNkulunkulu. Lokhu kuzoba isifundo sethu."- *Selected Messages,* bk.1, p. 244.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Desire of Ages,* pp. 48, 49, 114-123.

## *NgeSonto* ***Masingana 15***

### 1. INZALO KA-ABRAHAMA

**a. Chaza isimo sengqondo esiyingozi esithinta ukuphila kwethu kwesimoya? Johane 8:33.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

**b. Kuyini okusenza sibe yizigqila zesono? Johane 8:34, 39-44.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"AbaFarisi babezisho ukuthi bangabantwana bakaAbrahama. UJesu wabatshela ukuthi lokuzisho kungenzeka kuphela ngokwenza imisebenzi kaAbrahama. Abantwana beqiniso bakaAbrahama bazophila, njengoba waphila, ukuphila ngokulalela uNkulunkulu. Angeke bazame ukubulala Lowo okhuluma iqiniso elivela kuNkulunkulu. Ekwakheni uzungu bemelene noKristu, orrabi babengenzi imisebenzi kaAbrahama. Ukuba yinzalo nje kaAbrahama kwakungasho lutho. Ngaphandle kokuxhumana kwesimoya naye, okuzobonakala ekubeni nomoya ofanayo, nokwenza imisebenzi efanayo, babengesibo abantwana bakhe."- *The Desire of Ages,* pp. 466, 467.

**c. Kungenzeka kanjani ukuba ukhululwe kulobu budlova bendaba enonya? Johane 8:32, 36; Galathiya 3:29.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

## 2. KUYINI OKUSHIWO "NGOKWAZI"?

**a. Yimuphi umbuzo obalulekile uPilatu awubuza kwiholo lokwahlulela? Johane 18:38 (isigaba sokuqala). Iyiphi impendulo engabe wayithola uma ngabe wema okomzuzwana ukulalela impendulo yoMsindisi? Johane 14:6.**

---

"UPilatu wayenesifiso sokwazi iqiniso. Ingqondo yakhe yayididekile. Wawabamba ngokulangazela amazwi oMsindisi, futhi inhliziyo yakhe yashukunyiswa yifisa esikhulu sokuthi laliyini ngempela, nokuthi angalithola kanjani. 'Liyini iqiniso' wayefuna ukwazi. Kodwa akalindanga ukuba ezwe impendulo. Isiphithiphithi esingaphandle samkhumbula ngentakazelelo yehora. Ngoba abapristi babevungamela isenzo esisheshayo. Ephumela ngaphandle kubaJuda, washo egcizelela, 'angifumani icala kulomuntu'."-*The Desire of Ages,* p. 727.

**b. Chaza ukuthi kuyini okungenzeka uma umuntu efunda Izwi kodwa engamazi uNkulunkulu? Marako 12:24; 2 Thimothi 3:7**

---

"AmaSadusi ayezikhohlisa ngokuthi banamthele kakhulu emiBhalweni kunabo bonke abantu. Kodwa uJesu wabonisa ukuthi babengayazi incazelo yawo ngempela."-*The Desire of Ages,* p. 605.

**c. Ungadonseleka kanjani koMunye isimo semvelo yethu ewileyo esingasidingi? Johane 12:32; 8:28; Mathewu 11:28-30.**

"Uma umthetho ulethwa phambi kwabantu, makuthi uthishela weqiniso ukhomba isihlalo sobukhosi esizungzwe ngothingo lwesithembiso, ukulunga kukaKristu. Inkazimulo yomthetho nguKristu; weza ukuba awugcwalise umthetho, awenze uhlonipheke. Mabenze kucace ukuthi isihe neqiniso kuhlangene ndawonye kuKristu, ukulunga nokuthula kuyangana, kuyilapho ubheke esihlalweni Sakhe sobukhosi, unikela ngokuphenduka ukudumisa nokubonga kuNkulunkulu, lesimo sakha isimilo sobuKrestu esiphelele, futhi simele uKristu emhlabeni. Uhlala kuKristu, noKristu uhlala kuwe; unalokhu kuthula okudlula konke ukuqonda. Siyadinga njalo ukuzindla ngoKristu nangothando Lwakhe oluthathekisayo. Kufanele siqondise izingqondo zethu kuJesu, sizibophele phezu Kwakhe. Kuzozonke izinkulumo hlala phezu kwezimfanelo zaphezulu."-*The Ellen G. White 1888 Materials,* p. 730.

"Funda ngokucophelela isimilo esingcwele somuntu, futhi uhlale ubuza, 'Wayezokwenzani uJesu ukuba ubesendaweni yami?'."-*The Ministry of Healing,* p. 491.

## 3. IZINYOKA EHLANE

**a. Ikhambi elinjani uNkulunkulu alinikeza labo abalunywa izinyoka ezinobuthi ehlane? Kuyini okwakudingeka ukuze ukwelapha kuthathe indawo? Numeri 21:6-9.**

"Ngoba babevikelwe ngamandla ngcwele [abantwana bakwaIsrayeli] babengaqondi izingezi ezingenakubalwa lezo ezibazungezile njalo. Ngenxa yokungabongi kwabo nokungakholwa babekulindele ukufa, futhi manje iNkosi yavumela ukuba kufike phezu kwabo. Inyoka enobuthi eyayigcwele ihlane lonke yayibizwa ngokuthi izinyoka ezinomlilo, ngenxa yemiphumela esabekayo ebangelwa udosi lwazo, kubangela ukuvuvuka okunamandla nokufa ngokushesha. Njengoba isandla sikaNkulunkulu esivikelayo sisuswa kwaIsrayeli, isibalo esikhulu sabantu sahlaselwa yilezilwane ezinonya.

"UMose wayalwa ngokungcwele ukwenza inyoka yethusi efanekisa ephilayo, nokuthi ayiphakamise phakathi kwabantu. Kulokhu, bonke abathe balunywa kwakufanele bayibheke, ukuze bathola impumuzo. Wakwenza lokhu, nezindaba ezimnandi zazwakaliswa kwikamu lonke ukuthi labo abathe balunywa babheke inyoka yethusi bazophila. Abaningi base befile, futhi lapho uMose ephakamisa inyoka phezu kokhuni, abanye abazange bakholwe ukuthi ngokubheka nje phezu komfanekiso wethusi bazophila; labo bafa ngenxa yokungakholwa kwabo. Kodwa kwakukhona abaningi ababenokukholwa kumalungiselelo uNkulunkulu awenzile….uma labo, noma bequlekile futhi befa, uma bengabheka kanye kuphela, babepholiswa ngokuphelele.

"Abantu bebazi kahle ukuthi kwakungekho mandla kwinyoka yethusi yokubangela inguquko enjalo kulabo abathe bayibheka. Amandla aphilisayo ayevela kuNkulunkulu kuphela. Ngokuhlakanipha Kwakhe wakhetha lendlela yokubonakalisa amandla Akhe. Ngelendlela elula abantu benziwa baqonda ukuthi loluhlupho lulethwe phezu kwabo ngenxa yezono zabo. Baqinisekiswa ukuthi uma belalela uNkulunkulu sasingekho isizathu sokwesaba, ngoba wayezobalondoloza."-*Patriachs and Prophets*, pp. 429, 430.

**b. Kungayiphi indlela lamava afana kanjani nawalabo abahlushwa yinyoka endala (kaSambulo 12:9) futhi befisa ukuphulukiswa? Johane 3:14, 15; 1:29.**

"Isoni esiphendukayo masigxilise amehlo aso phezu' kweWundlu likaNkulunkulu, elisusa izono zezwe' (Johane 1:29); futhi ngokubheka, siyaguqulwa. Ukwesaba kwaso kuphenduka injabulo, ukungabaza kwaso ithemba. Ukubonga kuyakhula. Inhliziyo yetshe iyaphulwa. Umsinga wothando ugelezela emphefumulweni. UKristu kuye ngumthombo wamanzi aphuphumayo ayisa ekuphileni okuphakade."-*The Desire of Ages*, p. 439.

## 4. UNGUBANI UJESU?

**a. UJesu waphila ukuphila okuphelele emhlabeni (1 Peter 2:21, 22), kodwa esikhundleni sokudonseleka Kuye nakubalandeli Bakhe abathembekile, ithini impendulo yabantu abaningi? 2 Thimothi 3:12; Johane 3:19, 20.**

"AmaKrestu asendulo ngempela ayengabantu abakhethekile. Ukuziphatha kwabo okumsulwa nokholo oluqinile lalingukusola okuqhubekayo okuphazamisa ukuthula kwezoni. Noma ayembalwa ngokwesibalo, bengenayo ingcebo, engenasikhundla, noma igama lokuhlonishwa, babesabeka kubenzi bobubi noma kuphi lapho isimilo sabo nemfundiso yaziwa khona. Kanjalo babezondwa ngababi, njengoba noAbela azondwa nguKayini ongamesabi uNkulunkulu. Ngesizathu esifanayo esenza uKayini abulale uAbela, kwenza labo ababezama ukuchitha isivimbelo sikaMoya Ongcwele, babulale abantu bakaNkulunkulu. Kwakungenxa yesimo esifanayo amaJuda enqaba futhi abethela uMsindisi-ngoba ukuhlanzeka nobungcwele besimilo Sakhe kwakukhuza njalo ubugovu babo nenkohlakalo. Kusukela ezinsukwini zikaKristu kuze kube namuhla, abafundi Bakhe abathembekile babevusa inzondo nokukuphikiswa yilabo abathanda futhi belandela izindlela zesono."-*The great Controversy,* p. 46.

**b. Yimaphi amandla aphakeme abonakaliswa kuMsindisi welizwe onamadla okudonsa abantu? 1 Thimothi 3:16; Johane 1:1-3; Heberu 1:8.**

"Uma uKristu adala izinto zonke, wayekhona ngaphambi kwezinto zonke. Amazwi akhulunywa maqondana nalokhu anquma ngempela ukuthi akukho noyedwa ozoshiywa engabaza. UKristu unguNkulkulunkulu ngokweqiniso, futhi ngomqondo ophakeme kakhulu. WayenoNkulunkulu kusukela phakade, uNkulunkulu ophezu kwakho konke, obusisiwe kuze kube phakade."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 247.

"Phakathi kobumnyama obunzima, uNkulunkulu wavala usizi lokugcina lomuntu ngeNdodana Yakhe. Bonke ababembonile uKristu ekuhluphekeni Kwakhe balahlwa yicala lobuNkulunkulu Bakhe. Ubuso Bkahe obake babonwa ngumuntu, abuzange bulibalwe. Njengoba ubuso bukaKayini baveza icala lakhe njengombulali, kanjalo ubuso bukaKristu bembula ukungabi nacala, ukuzisola, umusa-umfanekiso kaNkulunkulu. Kodwa labo abambeka icala abazange baqaphele uphawu lwezulu. Ngamahora amade osizi lukaKristu babheka phezu kwesixuku esiklolodelayo wafihlwa ngesihe yingubo kaNkulunkulu ."-*The Desire of Ages,* p. 754.

"Cabanga ngokuzithoba kukaKristu. Wathathela Kuye ukuwa, imveloyokuhlupheka komuntu, wehliswa futhi wangcoliswa yisono. Wathatha usuzi lwethu, wathwala ukhlupheka kwethu nehlazo. Zonke izilingo eziwela phezu komuntu lapho ekhona. Wahlanganisa Ubuntu nobuNkulunkulu; umoya ongcwele wahlala phezu kwethempeli lenyama."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 4, p. 1147.

## *Ngolwesine* ***Masingana 19***

### 5. UNKULUNKULU WABA INYAMA

**a. Kuyini Isidalwa Esingcwele esezinga bayikho ukuze sikhulule abantu osizini lwabo olubi kanye nesimo esingenathemba? Johane 1:14; Heberu 2:9.**

**b. Chaza lokho uJesu akuthabathela ebuntwini Bakhe obungcwele obungenabala? Heberu 2:10, 11, 14, 17.**

**c. UJesu kwakudingeka azithobe ngezinga elingakanani ukuze kubenamandla adonsela esiphambanweni saseKhalivari? Heberu 2:14; Filiphu 2:6-8; 2 Thimothi 2:8.**

"Uma sikucabanga lokhu, ingabe abantu bangaba nentwana eyodwa engaphakanyiswa? Njengoba belandelela ukuphila nokuhlupheka kanye nokuthotshiswa kukaKristu. Bangaphakamisa amakhanda abo aqhoshay njengokungathi ngeke bathwale ukulingwa, ihlazo, kungekho ukuthotshiswa? Ngithi kubalandeli bakaKristu, bhekani eKhalvari, nibe namahloni ngemibono yenu ebalulekile. Konke ukuthotshiswa koMbusi wezulu kwakungenxa yomuntu onecala, olahliwe. Wehla futhi ehla ekuthotshiswa Kwakhe, kwaze kwangabe kusabakhona ukujula ayengafinyelela kukho, ukuze aphakamise umuntu ekungcoleni kwakhe kokuziphatha."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 5, pp. 1127, 1128.

"Kuyini esiyidelayo, uma sinikela konke? Isono senhliziyo engcolile, ukuba uJesu ayihlanze ngegazi Lakhe, futhi asindiswe ngothando Lwakhe olungenaku-qhathaniswa. Futhi nokho amadodana acabanga kanzima ukuyeka konke. Nginamahloni nokuyizwa kukhunywa ngayo, nginamahloni ukuyibhala.

"UNkulunkulu akafuni ukuthi silahle noma yini okuzuza kakhulu ukuyigcina. Kukho konke akwenzayo ubheka inhlala-kahle yabantwana Bakhe. Kwangathi bonke abangamkhethanga uKristu bangaqonda ukuthi unokubanzi okungcono angabapha kona kunalokho abazifunela kona."-*Steps to Christ*, p. 46.

## *Ngolwesihlanu* ***Masingana 20***

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Yiziphi izifundo esingazifunda kumaJuda njengabantwana baka-Abrahama?**
2. **Kungenzeka kanjani ukuthi uphuthelwe ngokuphelele iphuzu leBhayibheli ngenkathi ulifunda?**
3. **Zifundo zini engingazifunda ngezinyoka ezinesihlungu ehlane?**
4. **Yini eyenza kwenzeke ukudonselwa kuMuntu waseKhalvari?**
5. **Kungani uJesu athabatha isimo semvelo eyonakele?**

# Ngiphe Amafutha Esibaneni Sami

**IVESI LEKHANDA: "Kungabi ngempi, kungabi ngamandla, kepha kube-ngomoya wami kuphela, usho uJehova Sebawothi" (Zakariya 4:6).**

"Ukungcweliswa kwethu kungumsebenzi kaBaba, iNdodana, noMoya Ongcwele. Kungugcwaliseka kwesivumelwano uNkulunkulu asenza nalabo abazihlanganisa Naye, abema Naye, neNdodana Yakhe, noMoya Wakhe ngokukhonza okungcwele. Ingabe uzelwe kabusha? Ingabe uzelwe kabusha? Ingabe uyisidalwa esisha kuKristu Jesu? Ngakho-ke ukusizana namandla amathathu ezulu asebenza ngenxa yenu. Ngokwenza lokhu sizokwembula emhlabeni izimiso zokulunga."-*The Signs of the Times,* Nhlangulana19, 1901.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Acts of the Apostles,* pp. 47-56.

## *NgeSonto* *Masingana 22*

### 1. UNGUBANI UMOYA ONGCWELE

**a. Unesikhathi esingakanani uMoya Ongcwele ukhona? Genesis 1:2; Amahubo 51:11; Heberu 9:14.**

**b. Chaza futhi ufanekise ububanzi bemvelo yoMoya kaNkulunkulu? Amahubo 139:7-12; 1 Korinte 2:9-12; 2 Peter 1:21.**

---

"Ngesikhathi somnotho wamaJuda umfutho woMoya kaNkulunkulu uthe wabonakala ngendlela ephawulekayo, kodwa hayi ngokuphelele. Iminyaka eminingi kwakhulekelwa ukugcwaliseka kwesithembiso sikaNkulunkulu sokunikeza uMoya Wakhe, ayikho neyodwa yalokhu kunxusa okuqotho okwakukhohlakele."-*My Life Today,* p. 36.

"Ngaphambi kokuba isono singene, uAdamu wayethokozela ubudlelwano obusobala noMdali wakhe; kodwa njengoba umuntu azehlukanisa ngokwakhe kuNkulunkulu ngokona, isizwe soluntu sithe sanqunywa kwilungelo eliphakeme. Ngecebo lensindiso, nokho, indlela ithe yavulwa lapho abakhileyo emhlabeni bangaba nokuxhumana nezulu. UNkulunkulu nabantu ngoMoya Wakhe, nokukhanya okungcwele kudluliselwa emhlabeni ngezambulo ezincekwini Zakhe ezikhethekile."-*God's Amazing Grace,* p. 190.

## 2. INGABE UNESIQU ESINGESAKHE

**a. Yisho ezinye izici zesimilo ezibonisa ubuntu boMoya Ongcwele.**

**(1) Umoya uyazi. 1 Korinte 2:9-12.**

**(2) Uyakwazi ukuthanda. Roma 15:30.**

**(3) Uyakwazi ukuxoxa. 2 Korinte 13:14.**

**(4) Njengoba uyakwazi ukukhuluma, kumele ukukhuluma. 1 Thimothi 4:1.**

**(5) Ngaleyondlela uyakwazi ukufundisa. 1 Korinte 2:13.**

**(6) Uyakwazi ukufakaza. Roma 8:16.**

"UKristu wanikeza abalandeli Bakhe isithembiso esihle leso emva kokwenyuka Kwakhe wayezobathumela uMoya Wakhe. 'Ngakho-ke hambani,' esho, nenze ezizweni zonke abafundi, nibabhaphathize egameni likaYise [UNkulunkulu umuntu], nenNdodana, iNkosana yomuntu noMsindisi]: noMoya Ongcwele [owathunyelwa uvela ezulwini ukumela uKristu]: nibafundise ukugcina konke enginiyale ngakho, bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe."-*Review and Herald*, Mfumfu 26, 1897.
"Kufanele siqonde ukuthi uMoya Ongcwele, ongumuntu uqobo njengoNkulunkulu engumuntu, uhamba kulezindawo.

"UMoya Ongcwele ungumuntu, ngoba ufakazi kanye nomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu. Uma lobufakazi buvela, buhambisana nobufakazi babo. Ngalesosikhathi siyakholwa futhi siqinisekile ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu.

"UMoya Ongcwele unobuntu, kanjalo abengeke abe ngufakazi emoyeni wethu nangomoya wethu ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu. Kufanele abe ngumuntu ongcwele, kanjalo angeke ahlole izimfihlakalo ezifihliwe engqondweni kaNkulunkulu. 'Ngokuba ngumuphi kubantu owazi okomuntu, kungesiye umoya womuntu okuye-na? Ngokunjalo nokukaNkulunkulu akwaziwa ngumuntu, kuphela nguMoya kaNkulunkulu."-*Evangelism,* pp. 616, 617.

"Embathiswe ngobuntu, uKristu ubengakwazi ukubakhona yonke indawo ngobuntu; ngakho-ke kwaba kuhle kakhulu ukuba abashiye, abuyele kuYise, futhi athumele uMoya Ongcwele ukuba yindlalifa Yakhe emhlabeni. UMoya Ongcwele ngoKwawo ehlutshiwe ubuntu ezimele ngokwakhe. Wayezozi-bonakalisa ekhona kuzozonke izindawo ngoMoya Wakhe oNgcwele njengoKhona Yonke Indawo."-*Manuscript Releases,* vol. 14, p. 23.

"Kukhona ubuntu obuthathu obuphilayo kobuthathu bezulu: egameni lamandla amathathu amakhulu-uYise, iNdodana, noMoya Ongcwele-labo abamukela uKristu ngokuphila ngokukholwa bayabhapathizwa, futhi lamandla amathathu azosizana nezikhonzi ezilalelayo zezulu ngemizamo yokuphila ukuphila okusha kuKristu."-*Evangelism,* p. 615.

## 3. INGABE UNESIQU ESINGESAKHE? (KUYAQHUBEKA)

**a. Ngeziphi ezinye izici ezibonisa ubuntu boMoya Ongcwele?**

**(1) Uyasikhulumela lapho sithandaza. Roma 8:26, 27.**

**(2) Ungumsabalalisi wezipho ezikhethekile. 1 Korinte 12:7-11.**

**(3) Umema nesoni futhi ukuba siphenduke. Isambulo 22:17.**

**(4) Akagcini ngokumema isoni ukuba siphenduke, futhi usibeka uphawu noma asimise ekukholweni. Efesu 1:13.**

**(5) Njengoba usibeka uphawu kumbe usihlalise, futhi sixwayiswa kokuphi. Efesu 4:30.**

**(6) Njengoba eyisidalwa somuntu, uJesu usebenzisa isabizwana somuntu "Yena kanye "Naye" kuMoya Ongcwele izikhathi ezingu 24. Isibonelo esisodwa sikuJohane 14:16, 17.**

"UKristu, uMlamuli wethu, noMoya Ongcwele bayaqhubeka ukusincengela ngenxa yomuntu, kodwa uMoya awusincengeli njengoKristu oletha igazi Lakhe, elachitheka kusuka ekusekelweni komhlaba; uMoya usebenza phezu kwezinhliziyo zethu, udonsa imikhuleko nokuphenduka, ukudumisa nokubonga. Ukubonga okugeleza kuvela ezindebeni ngumphumela woMoya oshaya izintambo zomphefumulo ngomkhumbulo ongcwele, ovusa ingoma enhliziyweni."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 6, pp. 1077, 1078.

"Injabulo ibangelwa izinto ezincane nezinkulu….Uma sizofana noKristu samukele isimilo Sakhe, kumele ezintweni ezincane siqeqeshe umphefumulo ekungcwelisweni okuqhubekayo nsuku zonke. Asikho isikhathi okumele sisilahlekele. Ungagcizelela isigxivizo ukuze uthole isithombe esicacile phezu kwepholishi, ungahlikihli ngokwenza ngamandla, kodwa indawo yakho ivale ngokucophelela futhi ngokuqinile uyicindezele phansi kuze kube yilapho igcina ithola isikhunta. Kanjalo iNkosi isebenza ngemiphefumulo…Kungesikho manje, kodwa kancane kancane ukuphila okusha kutshalwa nguMoya Ongcwele emva kokufana noKristu."-*In Heavenly Place,* p. 66.

"UMoya Ongcwele usho yonke imithandazo yeqiniso. Ngifundile ukuthi ukwazi ukuthi kukho konke ukunxusa kwami uMoya uyangincengela nabobonke abangcwele; kodwa ukuncenga kwayo kuya ngentando kaNkulunkulu, akuphikisani nentando Yakhe. 'UMoya uyasiza ebuthakathakeni bethu,' noMoya, Ubuntu bukaNkulunkulu, wazi ingqondo kaNkulunkulu; ngakho-ke kuyoyonke imithandazo yethu yokukhulekela abagulayo, noma ezinye izidingo, intando kaNkulunkulu kufanele ibhekwe."-*The Signs of the Times,* Mfumfu 3, 1892.

## 4. UYINI UMSEBENZI WAKHE

**a. Njengoba uJesu esinxusela ngakwesokunene sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu, yini ebonisa ukuthi uMoya Ongcwele ungummeli womuntu ngempela woMsindisi? Johane 15:26; 16:13, 14.**

**b. UMoya Ongcwele uhlinzeka ngani inhliziyo yethu enesizungu uma uMngane wethu esimthandayo engekho? Johane 16:7.**

**c. Usiholela kanjani ukuba siguquke-na? Johane 16:8 (isiphetho) Zakariya 4:6.**

"UMoya wanikezwa njengesithunywa esidala kabusha, futhi ngaphandle kwalokhu umhlatshelo kaKristu ubungeke ubelusizo. Amandla obubi ayelokhu eqina iminyaka engamakhulu, nokuzinikela kwabantu kulobugqila bukaSathane kuyamangalisa. Isono singamelana naso futhi sinqotshwe kuphela ngesithunywa esinamandla soBuqu Besithathu sobuNkulunkulu, besingeke sifike ngaphandle kwamandla aguquliwe, kodwa ngokugcwala kwamandla angcwele. NguMoya owenza kube nempumelelo lokho okwenziwa nguMhlengi womhlaba. Kungenxa kaMoya inhliziyo yenziwa ihlanzeke. Kungenxa kaMoya abakholwayo baba ngabahlanganyeli bemvelo engcwele. UKristu unikele ngoMoya Wakhe njengamandla angcwele ukunqoba konke ukuthambekela kofuzo nokuhlakulela imikhuba emibi, nokucindezela isimilo Sakhe ebandleni Lakhe."-*The Desire of Ages*, p. 671.

"Umfanekiso kaKristu oqoshwe phezu kwenhliziyo ubonakala esimilweni, ekuphileni okubonakalayo, nsuku zonke, ngoba sibonakalisa uMsindisi wethu. UMoya Ongcwele uthenjiswe bonke abazowucela. Uma uhlola iMibhalo, uMoya Ongcwele useduze kwakho, ulingisa uJesu Kristu."-*General Conference Daily Bulletin*, Nhlolanja 15, 1895.

"Ukushunyayelwa kwezwi akusizi ngalutho ngaphandle kobukhona nosizo lukaMoya Ongcwele; ngoba loMoya unguthishela osebenzayo weqiniso elingcwele. Kuphela uma iqiniso lihlanganiswa enhliziyweni nguMoya, lizosheshisa unembeza noma liguqule ukuphila. Umfundisi angakwazi ukuletha igama lezwi likaNkulunkulu; angajwayelana nayoyonke imiyalo nezithembiso; kodwa ukutshala kwakhe imbewu yevangeli akusoze kwaphumelela ngaphandle kokuthi imbewu ilethwa ekuphileni ngamazolo asezulwini. Ngaphandle kokusebenzisana noMoya kaNkulunkulu, akukho nani lemfundo, kungekho inzuzo, noma iyinhle kangakanani, kungenza umuntu abe ngumsele wokukhanya."-*Gospel Workers*, p. 284.

## *Ngolwesine* 						***Masingana 26***

## 5. UBUDLELWANO BUKAMOYA ONGCWELE NEBANDLA

**a. Umuntu ufinyelela kanjani olwazini olupheleleyo lweqiniso? Johane 16:13.**

___

**b. Njengoba lona kungumsebenzi woMoya Ongcwele, iyini indima yakhe ekusisizeni ukuba sithole ibandla leqiniso? 1 Thimothi 3:15.**

___

**c. Njengoba uMoya Ongcwele ubaluleke kangaka ukuba sibenawo ekuphileni kwethu, kuyini esingabe siyakwenza ukuba sibenamandla aphelele oMoya Ongcwele? Luka 11:9-13.**

___

"Inkosana yamandla obubi ingavinjwa amandla kaNkulunkulu kuphela ngomuntu wesithathu wobuNkulunkulu, onguMoya Ongcwele."-*Evangelism,* p. 617.

"Inqobo nje uma ibandla lisanelisekile ngezinto ezincane lisuka lingafaneleki ukwamukela izinto ezinkulu zikaNkulunkulu. Kodwa kungani singalambeli futhi somele isipho soMoya Ongcwele, njengoba siyindlela leyo inhliziyo ingagcinwa ihlanzekile-na? INkosi ihlela ukuthi amandla angcwele abambisane nomzamo womuntu. Kubalulekile ukuba uMkrestu aqonde incazelo yesithembiso soMoya Ongcwele ngaphambili nje kokufika kweNkosi yethu uJesu okwesibili. Khuluma ngawo, uwukhulekele, shumayela maqondana nawo; ngoba iNkosi iyathanda kakhulu ukunikela ngoMoya Ongcwele kunabazali abapha izipho ezinhle kubantwana babo."-*The Review and Herald,* Lwezi 15, 1892.

## *Ngolwesihlanu* 						***Masingana 27***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Sazi kanjani ukuthi uMoya Ongcwele ubuyisiThunywa esiphuthumayo ezikhathini zeTestamende ELidala?**
2. **Yibuphi ubufakazi besinqu soMoya Ongcwele?**
3. **Yimuphi umahluko okhona phakathi komsebenzi wokusincengela kaKristu nokaMoya Ongcwele?**
4. **Ngeyiphi eminye imisebenzi ebalulekile kakhulu kaMoya Ongcwele kwicebo lensindiso?**
5. **Kuyini ukuhlanganyela kukaMoya Ongcwele ekusizeni abantu ukuba baqonde ibandla leqiniso?**

ISABATHA, NLOLANJA 4, 2023

# *Umnikelo WeSabatha Lokuqala Uya ku-World Disaster Relief*

Izinhlekelele zemvelo ziyashesha manje kakhulu futhi zimbi emhlabeni wonke. Lokhu kuhlanganisa-futhi kungesikho ukuthi zimbalwa-ukuzamazama komhlaba, ukushukuma kwamanzi, izivunguvungu, iziphepho, izikhukhula, nokuqhuma komlilo ezintabeni. Isikhwishikhwishi siphuma ekameleni laso, namakhaza emimoyeni ehlakazayo. Ngokuphefumula kukaNkulunkulu kuvela ungqoqwane, ububanzi bamanzi buqine. Yebo, uyathwesa amafu ngokuswakama; uyaneka amafu onyazi Lwakhe. Ayajika, aphenduke njengokunquma Kwakhe ukuba enze konke awayalayo ebusweni bomhlaba owakhiweyo, awafikise abe luswazi, afike ngenxa yomhlaba noma ngenxa yomusa"(Jobe 37:9-13).

Lowo oNamandla Onke njalo engqondweni unentakazelelo enhle kakhulu ngalomhlaba omuhle kanye nezidalwa azenzile-kodwa namuhla, izehlakalo eziningi zezulu ezixakile kakhulu zivela ngqo kwinqolobane yesitha semiphefumulo:

"Ngesikhathi ebonakala kubantwana babantu enjengenyanga enkulu elapha zonke izifo zabo, [uSathane] uzoletha izifo nezinhlekelele, kuze kufinyelele lapho amadolobha amakhulu ehliswa ebayincithakalo futhi abe lugwadule. Ngisho namanje usemsebenzini. Izingozi kanye nezinhlekelele olwandle nasemhlabeni, ingomane enkulu, iziphepho ezinamandla nesichotho esinamandla, izivunguvungu, izikhukhula, iziphepho, amagagasi amakhulu, nokuzamazama komhlaba, ezindaweni zonke nangezinhlobo eziyinkulungwane, uSathane usebenzisa amandla akhe. Ukhukhula isivuno esivuthiwe, indlala nosizi kulandele. Ufaka umoya ungcoliswe ngobuthi, nezinkulungwane ziyafa ngenxa yobhubhane. Adlulisele ukuhambela kwakhe okwandayo futhi kube yinhlekelele. Imbhubhiso izoba phezu kwabantu nezilwane. "Umhlaba uyalila ubune; izwe liyaphela amandla, linyamalale, abaphakemeyo bomhlaba badangale. Umhlaba wonakalisiwe phansi kwabakhileyo kuwo, ngokuba beqile imithetho, badlulile ezimisweni, baphulile isivumelwano, baphulile isivumelwano esiphakade' Isaya 24:4, 5."-*The Great Controversy,* pp. 589, 590.

Noma yini engenzeka, abantwana bakaNkulunkulu babizelwa ukuba basabele kanjani ekuhluphekeni okukhulu kwabantu okubangelwa izinhlekelele zemvelo-na?

INkosi iyasinxusa ukuba silandele isibonelo Sayo emhlabeni sokufinyelela ekukhululeni abahluphekile lapho batholakala khona. Izidingo eziyisisekelo zokuphila zilahleka kungazelelwe lapho kwenzeka inhlekelele yemvelo, ngakho kungumsebenzi wethu ukusiza noma nini nanoma kukuphi lapho singakwazi khona. Ukupha kwakho ngesihle kulegatsha leWorld Disaster Relief usizo olwenza lokho kwenzeke. Sinibonga ngaphambili!

*The General Conference Education Department*

**Isifundo 5** **ISabatha, Nhlolanja 4, 2023**

# Ivangeli leTestamende Elidala

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba konke okwalotshwa ngaphambili kwalotshelwa ukufundiswa kwethu, ukuze ngokubekezela nangenduduzo yemibhalo sibe-nethemba" (Roma 15:4).**

"UJesu weza kulomhlaba ukusindisa abantu ezonweni zabo. Akasoze asisindise ezonweni zethu, ngoba akasona isikhonzi sesono. Kufanele sisabele ekudonseni kukaKristu okungcwele, siphenduke ezonweni zethu, futhi sizihlanganise noKristu njengegatsha elihlanganiswe emvinini."-*The Signs of the Times,* Nhlolanja 15, 1892.

**Incwadi Enikeziwe:** *Patriachs and Prophets,* pp. 63-70.

## *NgeSonto* ***Masingana 29***

## 1. IZIFUNDO EZIVELA EMLANDWENI

**a. Yisiphi isizathu esikhulu esisidingayo sokufunda umlando, kakhulu umlando ongcwele? Umshumayeli 3:15.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Umsebenzi kaNkulunkulu emhlabeni uveza, kusukela eminyakeni ukuya kweminye, ukufana okumangalisayo kuyoyonke inguquko enkulu noma inhlangano yezenkolo. Izinhlangano ezibalulekile zanamuhla zihambisana nalezo zesikhathi esedlule, namava ebandla ezikhathini ezidlule anezifundo zenani elikhulu zesikhathi sethu."-*The Great Controversy,* p. 343.

**b. Njengoba ukufunda umlando kusinika ithemba levangeli (Roma 15:4), lethemba linikeza ini emphefumulweni ogula ngenxa yesono? Roma 1:16; Luka 19:10.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Yonke inxenye yeBhayibheli ilethwe ngokuphefumulelwa uNkulunkulu futhi inenzuzo yayo. IThestamende Elidala alingengaphansi kw-Elisha kufanele linakwe. Uma sifunda iTestamende Elidala sizothola imithombo ephilayo iphuphuma lapho ofunda ngokunganaki ebona kuphela ugwadule."-*Education,* p. 191.

## 2. UKUPHELELISWA KWENDALO

**a. Yisimilo esinjani owesilisa wokuqala nowesifazane ababenaso uma bephuma bebasha esandleni soMdali wabo-na? Genesis 1:31; Umshumayeli 7:29.**

---

"Umuntu kwakufanele athwale umfanekiso kaNkulunkulu, kokubili ukubonakala kwangaphandle nakuso isimilo. UKristu kuphela ongumfanekiso kaBaba; kodwa umuntu wadalwa ngomfanekiso kaNkulunkulu. Imvelo yakhe yayivumelana nentando kaNkulunkulu. Ingqondo yakhe yayikwazi ukubamba izinto ezingcwele. Ukuthanda kwakhe kwakuhlanzekile; unambitho lwakhe nenkanuko kwakungaphansi kokulawulwa umcabango. Wayengcwele futhi ejabulele ukuthwala umfanekiso kaNkulunkulu nokulalela okuphelele intando Yakhe."-*Patriachs and Prophets,* p. 45.

**b. Kuyini okwakudingeka ukuze isizwe soluntu sigcineke sikulesimo esiphelele nokuthi siphile ingunaphakade-na? Genesis 2:16, 17 (umphetho)**

"UKristu akanciphisi izimfuno zomthetho. Ngamazwi angenakuphikiswa uletha ukulalelwa kwawo njengombandela wokuphila okuphakade-isimo esifanayo sasidingeka kuAdamu ngaphambi kokuwa kwakhe. INkosi ayilindelanga okungaphansi komphefumulo manje kunalokho abekulindele kumuntu eParadesi, ukulalela okuphelele, ukulunga okungenasici. Izimfuno ngaphansi kwesivumelwano somusa zibanzi kakhulu njengezimfuno ezenziwa eEdeni-ukuvumelana nomthetho kaNkulunkulu, ongcwele, olungile, nomuhle."-*Christ's Object Lesson,* p. 391.

**c. Njengoba umuntu ehluleka/ futhi wona (Genesis 3), yaba yini imiphumela kungesikho kubazali bethu bokuqala kuphela, kodwa eyesizwe sonke ngokuphelele-na? Roma 5:12; 6:23.**

---

"Ngokulalela umthetho kaNkulunkulu, umuntu uzungezwe ngothango wavikelwa ebubini. Lowo obhidlizela phansi lobonda olungcwele olwakhiwe ngomunye ucekela phansi amandla okumvikela; ngoba uvule indlela leyo isitha esingangena ngayo ukonakalisa nokuchitha.

"Ngokuzama ukungayinaki intando kaNkulunkulu kumcijo owodwa, abazali bethu bokuqala bavula izikhukhula zobubi emhlabeni. Nomuntu ngamunye olandela isibonelo sakhe bazovuna umphumela ofanayo. Uthando lukaNkulunkulu lukhuthaza sonke isimiso somthetho Wakhe, lowo osuka emthethweni usebenzela ukungathokozi nokonakala."-*Thoughts from the Mount of Blessings,* p. 52.

*Ngolwesibili* ***Masingana 31***

## 3. UKUCHAZWA KWESONO

**a. Sazi kanjani ukuthi isiphambeko sikaAdamu sihlanganiswa nokwephula umthetho kaNkulunkulu-na? Roma 7:7; qhathanisa noExodusi 20:17; 1 Johane 3:4.**

________________________________________________________________________

"Abaningi abafundisa ukuthi umthetho kaNkulunkulu awubophekile kumuntu, bakhuthaza ukuthi akwenzeki ukuba ulalele izimiso zawo. Kodwa uma lokhu kuyiqiniso, kungani uAdamu wahlupheka ngesijeziso sokweqa umthetho-na? Isono sabazali bethu bokuqala saletha icala nosizi emhlabeni, futhi uma bekungebona ubuhle nomusa kaNkulunkulu, ngabe wafinyelela ekuphelelweni yithemba. Makungabikho ozikhohlisayo. Ngokuba inkokhelo yesono ingukufa.' Roma 6:23. Umthetho kaNkulunkulu ungeke useqiwa ngaphandle kwesijeziso kunaleso sikhathi kumenyezelwa isigwebo phezu kukayise woluntu."-*Patriachs and Prophets,* p. 61.

"Ngaphandle komthetho, abantu abanawo umcabango nje wokuhlanzeka nobungcwele bukaNkulunkulu noma okwecala labo nokungcola kwabo. Abanakho ukuvuma icala ngempela abanaso isidingo sokuphenduka. Ababoni isimo sokulahleka kwabo njengokulwisana nomthetho kaNkulunkulu, abaqondi isidingo sabo segazi likaKristu elihlangulayo. Ithemba lensindiso lamukelwa ngaphandle kwenguquko yangempela yenhliziyo noma imvuselelo yokuphila. Kanjalo inguquko yamanga yandile, futhi iningi labantu lizihlanganisa nebandla lingazange lazihlanganisa noKristu."-*The Great Controversy,* p. 468.

**b. Uma sifunda imibhalo, iBhayibheli libonisa kanjani ukuthi uJesu ngempela weza ukuze asisindise ekwephuleni umthetho-na? Mathewu 1:21.**

"UJesu wafa ukusindisa abantu Bakhe ezonweni zabo, futhi ukuhlengwa kuKristu kusho ukuthi kuKristu siyeka ukweqa umthetho kaNkulunkulu sikhululeke kuzo zonke izono; ayikho inhliziyo eshukunyiswa ngenzondo yokumelana nomthetho kaNkulunkulu evumelana noKristu, owahlupheka eKhalvari ukuze aqinisekise futhi aphakamise umthetho phambi kwelizwe lonke."-*Faith and Works,* p. 95.

"Sinomngane omangalisayo onguJesu, oweza ukusindisa abantu Bakhe ekwephuleni umthetho. Siyini isono-na? Incazelo kuphela yesono ukuthi singukweqa umthetho. Manje uJesu Kristu lapha, oweza ngqo futhi wasinika ukulunga okungoKwakhe; angeke sasinqoba ngamandla ethu, kodwa ngokukholwa Kuye. Uma ukholwa kuJesu Kristu, uzakuba Naye namuhla. Kufanele ukholwe ukuthi unguMsindisi wakho manje, nokuthi ubeka kuwe ukulunga Kwakhe ngoba uthe Wafa, futhi njengoba alalela zonke izimfuno zomthetho owaphulwayo kaNkulunkulu. Uma ukwenza lokhu, uzoba nolwazi olusindisayo lukaJesu Kristu. UAdamu noEva balahlekelwa iEdeni ngoba bephula umthetho, kodwa uzolahlekelwa izulu uma wena uwephula."-*The Ellen G. White 1888 Materials,* p. 128.

## 4. UYISE WABATHEMBEKILE

**a. Kungani ukhokho weTestamende Elidala uAbrahama aziwa ngokuthi unguyise wabathembekile-na? Galathiya 3:6-9.**

"Isilingo sikaAbrahama sasinzima kakhulu esike seza kusidalwa somuntu. Uma ngabe wehluleka kuso, ngabe akabhalwanga njengoyise wamakholwa. Uma waphambuka emthethweni kaNkulunkulu, umhlaba ubuzolahlekelwa isibonelo esikhuthazayo sokholo olungabuzi nolulalelayo. Isifundo sanikezwa ukuba sikhazimule izikhathi zonke, ukuze sifunde ukuthi akukho okuyigugu kakhulu okunganikezwa uNkulunkulu. Kuyilapho uma singabheka isibusiso ngasinye njengesivela eNkosini, ukuba sisetshenziswe enkonzweni Yakhe, ukuze sithole isibusiso sasezulwini. Buyisela kuNkulunkulu impahla yakho, umethembe futhi uzokuphathisa okwengeziwe. Zigcinele impahla yakho kuwe, awusoze wathola umvuzo kulokuphila, futhi uzolahlekelwa ngumvuzo wokuphila okuzayo."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 1, p. 1094.

"Indawo lapho ithempeli lalakhiwe khona kudala lalibhekwa njengendawo engcwele. Kulapho uAbrahama, uyise wabathembekile, abonakalisa khona ukuvuma kwakhe ukunikela ngendodana yakhe ngokulalela umyalo kaJehova. Kulapho uNkulunkulu avuselela khona isivumelwano sesisibusiso, okwakuhlanganisa isithembiso esikhazimulayo sikaMesiya kwisizwe soluntu sokukhululwa ngomhlatshelo weNdodana Yophezukonke."-*Prophets and Kings,* p. 37.

**b. Kungayiphi indlela isithembiso senzalo sibonisa ukuthi ukushunyayelwa kwevangeli kwakukhona nasesikhathini sikaAbrahama? Genesis 22:15-18; Galathiya 3:16.**

"Isivumelwano esifanayo savuselelwa kuAbrahama ngesithembiso, 'Nangenzalo yakho ziyakubusiswa izizwe zonke.' Genesis 22:18. Lesithembiso sasikhomba kuKristu. Kanjalo uAbrahama wasizwisisa (bheka kwabaseGalathiya 3:8, 16), wamethemba uKristu ngokuthethelelwa kwezono. Kungenxa yalolukholo kwabalelwa kuye ukulunga. Isivumelwano esenziwa kuAbrahama sagcina igunya lomthetho kaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 370.

**c. Kungani uAbrahama aqokwa njengowamukele ivangeli, futhi abanye abaningi esikhathini sakhe bengazange-na? Genesis 26:5; Jakobe 2:19-24.**

"UAbrahama wayekholelwa kuNkulunkulu. Sazi kanjani ukuthi wakholwa-na? Imisebenzi yakhe yafakazela isimilo sokukholwa kwakhe, nokukholwa kwakhe kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 7, p. 936.

## *Ngolwesine* ***Nhlolanja 2***

## 5. “UMTHETHO KULONKE ITHESTAMENDE ELIDALA

**a. Yiziphi ezinye izibonelo esinazo zokuthi umthetho wawukhona ngaphambi kokuba uNkulunkulu awumemezele uqobo Lwakhe eNtabeni yaseSinayi-na (Dutoronomi 5:22-26)? Eksodus 15:26; 16:28.**

“Iviki neviki ohambweni lwabo olude ehlane uIsrayeli wafakazela izimangaliso eziphindwe kantathu, ezenzelwa ukucindezela ezingqondweni zabo ubungcwele beSabatha: imana ephindwe kabili yayibakhona ngosuku lwesithupha kwakungekho lutho ngosuku lwesikhombisa, nenxenye eyayidingeka ngosuku lweSabatha yagcinwa imnandi futhi icwebile, kodwa uma inxenye yayigcinwa phakathi kwezinsuku yayingafanele ukudliwa.

“Kwizimo eziphathelene nokunikezwa kwemana, sinobufakazi obunqumayo bokuthi iSabatha alisungulwanga ngalesosikhathi, njengokusho kwabaningi, ngesikathi umthetho unikezwa eNtabeni yaseSinayi. Ngaphambi kokuba uIsrayeli afike eSinayi wayelizwisisa iSabatha ukuthi liyisibopho phezu kwabo. Ukuthi babephoqeleka ukubutha njalo ngolwesihlanu inxenye ephindwe kabili yemana ukuze kulungiselelwe iSabatha, lapho kungatholakali lutho ngalolosuku, ubungcwele bosuku lokuphumula babulokhu bugcizelelwa kubo. Futhi ngesikhathi abanye bephuma ngeSabatha ukubutha imana, uJehova wabuza uMose wathi, ‘Niyakwala kuze kubenini ukugcina imiyalo Yami nemithetho Yami-na?”-*Patriachs and Prophets,* pp. 296, 297.

**b. UNkulunkulu wayehlose ukwenzani ngo-Israyeli ngomthetho wokuziphatha okhulunyiwe nolotshiwe weMithetho Eyishumi-na? Duteronomi 6:1-9.**

**c. Sazi-kanjani ukuthi uJehova wasigcina lesikhundla kwaze kwaba sekugcineni kweTestamende Elidala-na? Malaki 4:4; 3:6.**

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlolanja 3***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Zisebenza kanjani izimiso zomlando weBhayibheli esikhathini sethu-na?**
2. **Yiziphi izimfuno kusukela eEdeni ezibonisa ukuthi uNkulunkulu akaguquki-na?**
3. **Iyini inhloso yokuza kukaJesu kulomhlaba maqondana nenkinga yesono-na?**
4. **Ukholo lukaAbrahama lwabonakaliswa kanjani ngemisebenzi yakhe-na?**
5. **Kufanele bubenjani ubudlelwano bethu nomthetho kaNkulunkulu-na?**

**Isifundo 6** **ISabatha, Nhlolanja 11, 2023**

# Umthetho kaNkulunkulu Umi Phakade

**IVESI LEKHANDA: "Ngokuba ukuthanda uNkulunkulu ukuba sigcine imiyalo yakhe; nemiyalo yakhe ayinzima" (1 Johane 5:3).**

"[UKristu] usibizile ukuba sithandane njengoba esithandile Yena. Inkolo isekelwe othandweni lukaNkulunkulu, olubuye lusiholele ukuba sithandane. Lugcwele ukubonga, ukuthobeka, ukubheka-kade. Luyazidela, luyabekezela, lunomusa, futhi luyathethelela. Lungcwelisa ukuphila konke futhi lwelulele umfutho walo kwabanye."-*Testimonies for the Church,* vol. 4, *p.* 223.

**Incwadi Ezinikeziwe:** *Patriachs and Prophets*, pp. 303-314.

## *NgeSonto* ***Nhlolanja 5***

## 1. UMDALI ONGAGUQUKI

**a. Kuyini esingakuqonda ngoKristu maqondana nomthetho kaNkulunkulu wokuziphatha ngesikhathi ephila lapha emhlabeni njengeNdodana yomuntu? Mathewu 5:17, 18.**

**b. Babekhetheke kanjani abaholi bakwaJuda maqondana nokugcinwa komthetho kwangaphandle? Mathewu 23:23; Filiphu 3:4.**

"[Abaholi bamaJuda] babeshisekela ukugcina ukubonakala kobungcwele, kodwa kabanakanga ubungcwele benhliziyo. Lapho abanamatheli bencwadi yomthetho, babelokhu bephula umoya wayo. Isidingo sabo esikhulu esenguquko abayidingayo yileyo uKristu ayichazela uNikodemu-ukuzalwa kabusha kokuziphatha, ukuhlanzwa esonweni, kanye nokuvuselelwa kolwazi nobungcwele."-*The Desire of Ages*, p, 174.

**c. Kuyini esingakubona ngecala likaJesu elibonisa ukuthi wayenge-Yena oweqa umthetho? Mathewu 26:59, 60.**

"UMsindisi noma abalandeli Bakhe abawephulanga umthetho weSabatha. UKristu wayengummeli ophilayo womthetho. Akukho ukwephulwa kwemithetho yawo ezingcwele okwatholakala ekuphileni Kwakhe. Uma ebheka isizwe sofakazi ababefuna ithuba lokumlahla ngecala, wayengasho ngokungangabazi, 'Ngumuphi kini ongangilahla ngesono-na?' Johane 8:46."-Ibid., p. 287.

## 2. UMTHETHO ENHLIZIYWENI KAJESU

**a. Kuyini okwalungiselelwa uJesu lapho efika emhlabeni-na? Heberu 10:5-10.**

______________________________________________________________________

"Kwakungelona ithuba, kodwa icebo lokuthi uMhlengi womhlaba kufanele ethule umqhele Wakhe, abekele eceleni ingubo Yakhe yobukhosi, eze emhlabeni wethu njengomuntu. Wembathisa ubungcwele Bakhe ngengubo yomuntu, ukuze eme njengenhloko yomkhaya woluntu, Ubuntu Bakhe bahlangana nobuntu besizwe esiwileyo ngenxa yokungalaleli kukaAdam."-*The Southern Work*, p. 85.

**b. Uma sifunda isigaba esifanayo kwiTestamende Elidala ngoKristu, kuyini okwaprofethwa obekufanele kube senhliziyweni Yakhe? Amahubo 40:6-8.**

"Kwakungenxa yokwephula umthetho okwaholela esonweni, usizi, nokufa. USathani wathi uzofakazela emhlabeni wonke uNkulunkulu awudalile, nakuzo izihlakaniphi zezulu, ukuthi angeke kwenzeka ukugcina umthetho kaNkulunkulu. Ngesikhathi uAdamu ezinikela esilingweni sesitha, futhi wawa endaweni yakhe ephakeme nengcwele, uSathane nezingelosi zakhe bajabula. Kodwa kwezwakala izwi livela esihlalweni sikaNkulunkulu likhuluma amazwi angaqondakaliyo. [Amahubo 40:6-8 ngokuphindwa] Lapho umuntu ewa, uKristu wamemezela inhloso Yakhe yokuba nguMbambeli nesiqiniseko somuntu."-*The Review and Herald,* Mandulo 3, 1901.

**c. Uma samukela uKristu ezinhliziyweni zethu, kuyini esikwamukelayo okungeke kwasehlukanisa Naye? Amahubo 119:70, 72, 77, 174.**

"Ijoka elisihlanganisa emsebenzini ngumthetho kaNkulunkulu. Umthetho omkhulu wothando wembulwa eEdeni, wamenyezelwa eSinayi, futhi ngesivumelwano esisha esibhalwa enhliziyweni, yilokhu okuhlanganisa isisebenzi somuntu nentando kaNkulunkulu. Uma siyekelwa ukuba silandele izinkanuko zethu, siye lapho nje intando yethu isiholela khona, sizowela emzileni kaSathane sibe ngaphakathi kwezimfanelo zakhe. Kanjalo uNkulunkulu usivalela entandweni Yakhe, ephakeme, nehloniphekile, nephakemeyo. Ufisa ukuthi siyenze ngokubekezela nangokuhlakanipha imisebenzi yenkonzo. Ijoka lenkonzo uKristu ngoKwakhe alithwalela umuntu."-*The Desire of Ages*, p. 329.

"Ukulunga kuwubungcwele, ukufana noNkulunkulu, 'uNkulunkulu uluthando.' 1 Johane 4:16. Kungukuvumelana nomthetho kaNkulunkulu, ngokuba imiyalo Yakho yonke ilungile' (Amahubo 119:172), Ngakho-ke 'uthando lungukugcwaliseka komthetho' (Roma 13:10). Ukulunga kuluthando, nothando ukukhanya nokuphila kukaNkulunkulu. Ukulunga kukaNkulunkulu kuhlanganiswe kuKristu. Sithola ukulunga ngokwamukela Yena."-*Thoughts from the Mount of Blessing*, p. 18.

## 3. EMTHETHWENI-KE NAKUBAPROFETHI

**a. Lapho uJesu echazela abafundi ukuthi ukuphila Kwakhe kwakungubufakazi obuphilayo bokuthi unguMesiya, wasebenzisa muphi umbhalo-na? Luka 24:27, 44.**

"Bekuyinhloso Yakhe ukukhanyisa ukuqonda kwabo futhi aqinise okholweni lwabo phezu 'kwezwi lesiprofetho esiqinisekile.' Wayefisa ukuba iqiniso ligxile ezingqondweni zabo, hayi ngenxa yokuthi lalisekelwa ubufakazi Bakhe uqobo, kodwa ngenxa yobufakazi obungenakungatshazwa obethulwa yizimpawu nezithunzi zomthetho ojwayelekile, nangeziprofetho zobufakazi beTestamende Elidala. Kwakudingeka kubalandeli bakaKrstu ukuba babenokholo oluhlakaniphile, kungesikho ngenxa yabo kuphela, kodwa ukuze bathwale ulwazi ngoKristu emhlabeni. Futhi inyathelo lokuqala ngqa lokudlulisela lolu lwazi, uJesu waqondisa abafundi 'kuMose nakubaprofethi.' Lokho kwakungubufakazi obanikezwa uMsindisi ovukile ngenani lokubaluleka kweMibhalo yeTestamende Elidala."-The Great *Controversy,* p. 349.

**b. Abafundi, njengoba babeshumayela isigijimi sevangeli, bafakazela kanjani ukuthi uJesu wayengoThenjisiwe? Izenzo 28:23.**

"UMoya kaNkulunkulu wawuhambisana namazwi akhulunywayo, nezinhliziyo zathinteka. Umpostoli unxusa iziprofetho zeTestamende Elidala, nesimemezelo sakhe sokuthi sezigcwalisekile emsebenzini kaJesu waseNazaretha, waqiniseka emiphefumulweni eminingi elangazelela ukubonakala kukaMesiya othenjisiwe. Namazwi esiqinisekiso sokuthi izindaba ezimnandi' lensindiso kwakungeyamaJuda nabezizwe ngokufanayo, kwaletha ithemba nenjabulo kulabo abangabalwanga phakathi kwabantwana bakaAbrahama ngokuya ngokwenyama."-*The Acts of the Apostles,* pp. 172, 173.

"Ngokushumayela kwakhe kwabaseThesalonike, uPawule wanxusa isiprofetho seTestsmende Elidala maqondana noMesiya. UKristu emsebenzini Wakhe wavula izingqondo zabafundi Bakhe maqondana neziprofetho; wayesethathela kuMose nakubaprofethi bonke, wabachasise eMibhalwe okuqondene Naye.' Luka 24:27. UPeter ekushumayeleni kwakhe ngoKristu waveza ubufakazi Bakhe kusukela kwiTestamnde Elidala. NoStefani walandela indlela efanayo. NoPawule naye emsebenzini wakhe waveza imibhalo ekhuluma ngokuzalwa, ukuhlupheka, ukufa nokuvuka, nokunyuka kukaKristu. Ngobufakazi obuphefumulelwe bukaMose nabaprofethi wabonalalisa isimilo sikaJesu waseNazaretha noMesiya wababonisa ukuthi kusukela ezinsukwini zikaAdamu bekuyilizwi likaKristu elalikhuluma nokhokho nabaprofethi."-Ibid., pp. 221, 222.

## 4. UMTHETHO NOKUKHOLWA

**a. Ingabe ukubeka ukholo kwethu kuJesu njengoMsindisi wethu ingabe siyawuqedq umthetho-na? Roma 3:31.**

______________________________________________________________

**b. Sibusiso sini esimenyezelwa kulabo abagcina umthetho? Isambulo 22:14.**

______________________________________________________________

"Ngokwephula umthetho kaNkulunkulu isiqalekiso sehlela uAdamu noEva, ngakho-ke balahlekelwa ilungelo lonke lomuthi wokuphila. UKristu wafela ukusindisa umuntu, futhi walondoloza ukuhlonipha umthetho kaNkulunkulu. Uthi 'Babusisiwe abagcina umthetho Wakhe ukuze babe nelungelo lokungena emzini ngamasango.' INdodana kaNkulunkulu lapha ibonisa ukugcinwa komthetho kaNkulunkulu njengombandela welungelo lomuthi wokuphila. Ukwephulwa komthetho kaNkulunkulu kuvimbela umuntu ilungelo lomuthi wokuphila. UKristu wafa, ukuze ngamandla egazi Lakhe, ukulalela umthetho kaNkulunkulu kungenza umuntu afanele isibusiso sezulu, amuphe ilungelo futhi lomuthi wokuphila."-*Spiritual Gifts,* vol. 3, p. 88.

"Izingelosi zisizungezile uma sihamba phezu kolwandle lwesibuko ukungena emasangweni omuzi. UJesu waphakamise isandla Sakhe esinamandla, nesikhazimulayo, wasibeke phezu kwamasango eParele, wabuyisela emuva imigoxo yawo ecwazimulayo, wayesethi kithi, 'nigezile izingubo zenu egazini Lami, nema niqinile ngenxa yeqiniso Lami, ngenani.' Sonke sangena sazizwa ukuthi sinelungelo eliphelele emzini."-*Early Writings,* p. 17.

**c. Lokhu kubonisa kanjani ukuthi uNkulunkulu akaguquki? Heberu 13:8.**

______________________________________________________________

"UJesu uzosenzela izinto ezinkulu, uma senza umsebenzi wethu ngokuthembeka. Kufanele sinikele intando yethu entandweni kaNkulunkulu. Kufanele sihloniphe iNkosi ngokulalela yonke imthetho Yakhe, ngisho nasezintweni esithi zincane. Iqiniso yileli, njengoMqambi walo engcwele, akaguquki ezimfunweni zazo, bezinjalo izolo, namuhla, naphakade. Akavumelani nemikhuba yabantu, futhi akathobeli imicabango yabo. Iqiniso njalo lihlukanisa phakathi kwabantu bakaNkulunkulu kanye nomhlaba. Kodwa uma isimo seminyaka edlule, njengabantu abakhethekile, abavunywe uNkulunkulu, ingabe usibheka kanjani isimo sethu namuhla? Ingabe sizuzile ngokwesimoya njengoba sisukile kubulula bethu bokuqala?*"-The Signs of the Times,* Nhlaba 25, 1882.

## *Ngolwesine* ***Nhlolanja 9***

## 5. UBHALIWE ENHLIZIYWENI

**a. Kungenzeka kanjani ukuba nomthetho kaNkulunkulu ekuphileni kwethu ngendlela uJesu ayenawo-na? Heberu 10:16; 8:10.**

"UNkulunkulu unikile izimiso Zakhe ezingcwele, ngoba uyamthanda umuntu. Ukusivikela kumphumela wokwephula umthetho, wembula izimiso zokulunga. Umthetho ungumcabango kaNkulunkulu; uma siwamukela kuKristu, uba ngumcabango wethu. Usiphakamisela ngaphezu kwezifiso zenyama nemikhuba, ngaphezu kwezilingo ezisiholela esonweni."-*The Desire of Ages*, p. 308.

**b. UNkulunkulu usibonisani ngaphambi kokuba siqale uhambo lwasezulwini-na? 1 Johane 4:19, 8.**

"Umhlaba wabamnyama ngenxa yokungaqondi kahle uNkulunkulu. Ukuze amathunzi amnyama angakhanyiswa, ukuthi umhlaba ungabuyiselwa kuNkulunkulu, amandla adukisayo kaSathane kufanele anqanyulwe. Lokhu kungenzeka ngamandla. Ukusetshenziswa kwamandla kuphambene nezimiso zomthetho kaNkulunkulu; angeke zazuzwa ngamandla noma igunya. Ufisa kuphela inkonzo yothando; nothando alucindezeli; alusoze lwazuzwa ngamandla noma ngegunya. Uthando luvuswa kuphela ngothando. Ukumazi uNkulunkulu kusho ukumthanda Yena. Isimilo Sakhe kufanele sivezwe siphambene nesimilo sikaSathane. Lomsebenzi ungenziwa isiDalwa esisodwa emhlabeni wonke. Nguye kuphela owazi ukuphakama nokujula kothando lukaNkulunkulu lungakwenza kwaziwe."-Ibid., p. 22.

**c. Kuyini okungenzeka kuphela emva kokuba uthando lukaNkulunkulu lusezinhliziyweni zethu? Johane 14:15-17.**

---

## *Ngolwesihlanu* ***Nhlolanja 10***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **UJesu wasigcina kanjani isimilo sikaNkulunkulu ngesikhathi ephila ebuntwini?**
2. **Isimilo esifanayo sikaKristu sibonakaliswa kanjani kumakholwa eqiniso?**
3. **Ukuze sikholwe ngempela ukuthi uJesu unguMesiya, yiziphi iziprofetho okufanele sizazi ngempela?**
4. **Kungenzeka kanjani ukuthi abantu abayizoni babe nelungelo lomuthi wokuphila lowo isoni esanqatshelwa kuwo?**
5. **Ngeyiphi indlela kuphela esingabanamava ngayo okulalela ngempela?**

**Isifundo 7** **ISabatha, Nhlolanja 18, 2023**

# Imfihlakalo Yevangeli

**IVESI LEKHANDA: "Okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo yenkazimulo yalemfihlakalo phakathi kwabezizwe; enguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo" (Kolose 1:27).**

"Singaqonda kuze kube manje ukusebenza Kwakhe nathi, kanye nemisuka aqhutshwa yiyo, ukuze sikwazi ukubona uthando olungenamkhawulo nesihe esihlanganiswe namandla angapheliyo. Singaziqonda izinjongo Zakhe njengoba zingubuhle bethu ukuzazi; nangaphezu kwalokho kufanele siqhubeke ukuthembela kumfutho woMninimandla Onke, uthando nokuhlakanipha kukaBaba noMbusi wakho konke*."-* *Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 699.

**Incwadi Enikeziwe**: *Education,* pp. 169-172.

## *NgeSonto* *Nhlolanja 12*

### 1. IMIBHALO OKUNZIMA UKUYIQONDA

**a. Kuyini uPetro akubona ngeminye imibhalo kaPawule? 2 Peter 3:14-17. Kuyini okumele sikuqaphele ngezinye izinto eziseMbhalweni-na? Duteronomi 29:29.**

___

"Abantu abanekhono banikela isikhathi sonke befunda futhi bekhuleka uma behlolisisa iMibhalo, kodwa kukhona izinxenye eziningi zeBhayibheli ezingazange zahlolisiswa ngokugcwele. Ezinye izahluko zeMibhalo azisoze zaswisiswa ngokuphelele kuze kufinyelele ekuphileni kwesikhathi esizayo uKristu azoyichaza. Kukhona izimfihlakalo okumele zimbulwe, amazwi lawo izingqondo zabantu ezingenakuvumelana. Nesitha sizofuna ukuvusa ukuphikisana phezu kwalemicijo, okufanele kuhlale kungakhulunywa ngazo."-*Gospel Workers,* p. 312.

**b. Yisiphi isimo sengqondo okumele sisondele ngaso emiBhalweni? Johane 7:17.**

___

"Umoya osondela ngawo ukuhlola imiBhalo uzonquma isimilo salowo okusizayo ohlangothini lwakho. Izingelosi ezivela emhlabeni wokukhanya zizoba nalabo ngokuzithoba kwenhliziyo befuna ukuholwa okungcwele. Kodwa uma iBhayibheli livulwa ngaphandle kwenhlonipho, ngomuzwa wokweneliseka, uma inhliziyo igcwele ukuzenzisa, uSathane useduze kwakho, uzobeka amazwi alula kaNkulunkulu ngokukhanya okuphendukezelwe."-*Testimonies to Ministers,* p. 108.

## 2. UKUQONDA IZINTO EZIFIHLAKELE

**a. Yiziphi izinto ezikhethekile uNkulunkulu azembulela uPawule ngenhloso yokwabelana nomhlaba wonke? Roma 16:25, 26; Kolose 1:27.**

---

"KuPawule isiphambano bekuyisihloko sentakazelelo ephakeme. Njengoba eke waboshwa esemsebenzini wokushushisa abalandeli boMnazari owabethelwa akazange ayeke ukuletha inkazimulo yesiphambano. Ngalesikhathi wanikezwa isambulo sothando olungapheli lukaNkulunkulu, njengoba lembuliwe ekufeni kukaKristu; nenguquko emangalisayo ethe yalethwa ekuphileni kwakhe, ngokuletha wonke amacebo nezinhloso zakhe zivumelane nezulu. Kusukela ngalelohora waba ngumuntu omusha kuKristu. Ngamava akhe wakwazi ukuthi lapho isoni sibheka uthando lukaBaba, olubonakele kumhlatshelo weNdodana Yakhe, wazinikela ngaphansi komfutho ongcwele, inguquko yenhliziyo yabonakala ithatha indawo, futhi kusukela lapho ukuya phambili uKristu ubeyikho konke futhi ekubo bonke."-*The Acts of the Apostles,* p. 245.

**b. Uma kukhona okuthile okunzima eMibhalweni ukuyiqonda, kungani kufanele sizame ukuhlolisisa ngalendaba? 2 Thimothi 3:16, 17.**

"Isiphambano sikaKristu sembozwe isihlamba nokucwaswa, nokho kuyithemba lokuphila nokuphakanyiswa komuntu. Akukho muntu ongaqonda imfihlakalo yokwesaba uNkulunkulu uma enamahloni okuthwala isiphambano sikaKristu. Akukho noyedwa ozokwazi ukuhlukanisa ukuthokozela izibusiso lezo uKristu azithengile enzela umuntu ngenani elingapheli Kuye, ngaphandle kokuthi bathanda ngokujabula ukunikela yonke ingcebo yomhlaba bangaba ngabalandeli Bakhe. Konke ukuzidela nomhlatshelo owenziwe nguKristu unothisa lowo ophana ngawo, nakho konke ukuhlupheka nokusolwa akubekezelela ngenxa yegama Lakhe elithandekayo kwakhulisa injabulo yakhe nomvuzo ongapheliyo embusweni wenkazimulo."-*Confrontation,* p. 93.

**c. Chaza lokhu esikudingayo ukuze sifinyelele ezinqumeni ezifanele? Johane 16:13.**

---

"Ngaphandle kokuholwa nguMoya Ongcwele siyohlala sinecala lokuhlanekezela iMibhalo noma ukuyihumusha ngokungeyikho. Kukhona ukufunda okukhulu iBhayibheli okungenanzuzo futhi izikhathi eziningi okulimaza lowo ofundayo. Uma izwi likaNkulunkulu livulwa ngaphandle kwenhlonipho nagaphandle kokukhuleka; uma imicabango nokunaka kungagxiliswanga kuNkulunkulu noma ekuvumelaneni nentando Yakhe, ingqondo igcwala ukungabaza; futhi ekufundeni iBhayibheli, ukungakholwa kuyaqina. Isitha silawula inqondo, futhi siphakamisa izincazelo ezingalungile."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, pp. 704, 705.

## 3. UMTHETHO WOKUZIPHATHA KAHLE WASEBUKHOSINI

**a. Ngokuphambene nenkolo evamile, sazi kanjani ukuthi umyalo wemiThetho Elishumi awuqedwanga esiphambanweni? Jakobe 2:8, 9.**

"Othishela abaningi bezenkolo babesho ukuthi uKristu ngokufa Kwakhe wachitha umthetho, nokuthi kusukela lapho abantu bakhululekile kwizimfuno zawo. Kukhona abanye bawufakazela njengejoka elinzima, futhi ngokuphambene nobugqila bomthetho banikeza inkululeko yokuba ithokozelwe ngaphansi kwevangeli.

"Kodwa abaprofethi nabapostoli abakwenzanga lokho maqondana nomthetho ongcwele kaNkulunkulu. Kusho uDavide: 'Ngiyakuhamba endaweni ebanzi, ngokuba iziyalezo zakho ngiyazifuna.' Amahubo 119:45. Umpostoli uJakobe, owabhala emva kokufa kukaKristu, uqondisa eMthethweni, 'njengomthetho wobukhosi' futhi 'umthetho ophelele wenkululeko.' Jakobe 2:8; 1:25. UMambuleli, inxenye yekhulu leminyaka emva kokubethelwa, umemezela isibusiso phezu kwabo, 'abagcina imiyalo, ukuba bathole ilungelo emthini wokuphila, bangene emzini ngamasango.' Isambulo 22:14."-*The Great Controversy,* p. 466.

"Uma oyedwa ezinikela kuKristu, ingqondo ilethwa ngaphansi kolawulo lomthetho; kodwa ngumthetho wobukhosi, omemezela inkululeko kubobonke ubugqila. Ngokuba munye noKristu, umuntu wenziwa okhululekile. Bazithobe entandweni kaKristu kusho ukubuyiselwa ebudodeni obuphelele."-*The Ministry of Healing,* p. 131.

**b. Yimuphi umthetho ochaza ukuthanda umakhelwane wethu njengoba sizithanda thina? Roma 13:9; umqhathanise noExodusi 20:1-17.**

"IMithetho emine yokuqala eMithethweni Elishumi yabekwa yaba ngumthetho owodwa omkhulu, 'Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke.' Imithetho eyisithupha yokugcina yafakwa komunye. 'Wothanda umakhelwane wakho njengoba uzithanda wena."Yomibili lemithetho igcizelela isimiso sothando. Owokuqala awukwazi ukuba ungagcinwa bese owesibili uyaphulwa, noma kugcinwe owesibili kuphulwe owokuqala. Uma uNkulunkulu enendawo Yakhe emfanele esihlalweni senhliziyo, indawo efanele izonikezwa umakhelwane. Sizomthanda njengoba sizithanda thina. Kuphela uma sithanda uNkulunkulu ngokuphakeme kungenzeka ukuba sithande umakhelwane ngokungakhethi.

"UKristu wafundisa abalaleli Bakhe ukuthi umthetho kaNkulunkulu awuzona izimiso eziningi ezihlukene, ezinye zazo zibaluleke kakhulu, kuyilapho ezinye zibalulekile kancane futhi zingashaywa indiva ngaphandle kwesijeziso. INkosi yethu iletha emine yokuqala neyisithupha yokugcina njengokuphelele okungcwele, ifundisa ukuthi uthando lukaNkulunkulu luzobonakaliswa ngokulalela yonke imithetho Yakhe."-*The Desire of Ages,* p. 607.

## 4. UKWAHLULELWA NGOMTHETHO

**a. Chaza izinga elifinyelela kude lokwahlulelwa kwabantu? Umshumayeli 11:9; Roma 14:10; 2 Korinte 5:10; Heberu 9:27.**

"Sonke sizokwahlulela ngokuya ngokukhanya esithe sanikwa kona. INkosi yathumela ngaphambili amanxusa nesigijimi sensindiso, nalabo abezwayo uzobabeka icala ngendlela leyo abaphatha ngayo amazwi ezinceku Zakhe. Labo abafuna ngempela iqiniso bazolifunisisa ngokunakekela, ukukhanya kwezwi likaNkulunkulu, nezimfundiso ezilethwe kubo."-*The Acts of the Apostles*, p. 232.

**b. Yiliphi izinga elizosetshenziswa ekwahluleleni? Jakobe 2:12.**

______________________________________________________________________________

**c. Yimuphi lomthetho? Jakobe 2:11; umqhathanise no Eksodusi 20.**

"Ezimfundisweni Zakhe, uKristu wabonisa ukuthi zifinyelela kude kangakanani izimiso zomthetho owakhulunywa eSinayi. Wenza ngendlela ephilayo zomthetho ozimiso zawo zihlala phakade ziyisilinganiso esikhulu sokulunga-isilinganiso leso bonke bazohlulelwa ngaso ngosuku olukhulu lapho ukwahlulela kwenzeka, nezincwadi zizovulwa."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 211.

"Umthetho kaNkulunkulu uyisilinganiso leso izimilo nokuphila kwabantu kuzovivinywa ekwahlulelweni. Kusho indoda ehlakaniphile: 'Mesabe uNkulunkulu, ugcine imiyalo yakhe, ngokuba lokhu kungokwabantu bonke. Ngokuba uNkulunkulu uyakuletha yonke imisebenzi ekwahluleleni.'Umshumayeli 12:13, 14. Umpostoli uJakobe exwayisa abazalwane bakhe: 'Khulumani kanjalo, nenze kanjalo, njengokufanele abayakwahlulela ngomthetho wenkululeko.'Jakobe 2:12."-*The Great Controversy,* p. 482.

"Uma ukwahlulelwa kuthatha indawo, nezincwadi zivulwa, wonke umuntu uzakwahlulelwa ngokuya ngezinto ezibhalwe ezincwadini, bese izibhebhe zamatshe, ezifihliwe nguNkulunkuliu kuze kufike lolosuku, zizolethwa phambi komhlaba njengesilinganiso sokulunga. Besekuthi abesilisa nabesifazane bazobona imfuneko yensindiso yabo ukulalela umthetho kaNkulunkulu ophelele. Akekho ozothethelela isono sakhe. Ngenxa yezimiso zokulunga zalowomthetho, abantu bazothola isigwebo sokuphila noma ukufa."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 225.

## *Ngolwesine* 

***Nhlolanja 16***

## 5. UMTHETHO NJENGO-THISHELA

**a. Iyini inhloso yokuqonda umthetho noma ukwazi iqiniso? Johane 3:18-21; Roma 7:7.**

"Inyathelo lokuqala lokubuyisana noNkulunkulu kungukulahlwa kwesono. Ngokuba isono singukweqa umthetho.'Ngokuba ngomthetho kukhona ukwazi isono.' 1 Johane 3:4; Roma 3:20. Ukuze sibone icala lakhe, izoni kufanele zihlole isimo sakhe ngesilinganiso esikhulu sokulunga kukaNkulunkulu. Siyisibuko esibonisa ukuphelela kwesimilo sokulunga futhi simsize akwazi ukubona amaphutha angawakhe."-*The Great Controversy,* p. 467.

**b. Ngokudalula isimo sethu sangempela, kuyini umthetho okwenzayo ngalesambulo? Galathiya 3:24.**

"Ngabuzwa maqondana nomthetho ngabaseGalathiya. Yimuphi umthetho omkhulu wokusiyisa kuKristu. Ngaphendula yomibili imithetho eyishumi nezimiso zokuziphatha.

"UKristu ubeyisisekolo somnotho wamaJuda onke. Ukufa kukaAbela kwakungumphumela kaKayini wokwenqaba ukwamukela icebo likaNkulunkulu esikolweni sokulalela, nokusindiswa ngegazi likaJesu Kristu, elalifanekiswa ngomnikelo womhlatshelo owawukhomba kuKristu. UKayini wenqaba ukuchitheka kwegazi, elifanekisa igazi likaKristu elizochithekela umhlaba wonke. Lenkonzo yonke yalungiswa nguNkulunkulu, noKristu waba yisisekelo sohlelo lonke. Lesi isiqalo somsebenzi njengomphathi wesikole wokuletha izithunywa zabantu ezinesono ukuba zicabange ngoKristu."-*The SDA Bible Comments* [E.G. White Comments], vol. 6, p. 1109.

## *Ngolwesihlanu* 

***Nhlolanja 17***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kubaluleke kanjani ukulungiselela inhliziyo yomuntu ekufundeni iBhayibheli?**
2. **Kungenzeka kanjani ukuqonda kahle into engaqondakali njengevangeli lensindiso?**
3. **Yiziphi izizathu zokuqonda ukuthi emva kwesiphambano, umthetho kaNkulunkulu usasebenza?**
4. **Liyini izinga elikhulu lesimilo eliyimfuneko yokuphila okuphakade?**
5. **Kungani kubalulekile ukuba umthetho, uyiphoyisa elingaphuthi, elisiletha kuKristu?**

**Isifundo 8** **ISabatha, Nhlolanja 25, 2023**

# Kubethelwe Esiphambanweni Sakhe

**IVESI LEKHANDA: "Esehlangule incwadi yecala lethu, emelene nethi ngemiyalo yalo, wayeyisusa ngokuyibethela esiphambanwe.'" (Kolose 2:14).**

"Imithetho Elishumi iyaphila futhi izophila ingunaphakade. Isidingo senkonzo yemihlatshelo neminikelo yaphela lapho okuyisithunzi kuhlangana nokoqobo ekufeni kukaKristu. Ngaye isithunzi safinyelela kokoqobo. IWundlu likaNkulunkulu lalingumnikelo ogcwele nophelele."-*The SDA Bible Comments* [E.G. White Comments], vol. 6, p. 1116.

**Incwadi Enikeziwe:** *Selected Messages,* bk. 1, pp. 229-235.

## *NgeSonto* *Nhlolanja 19*

### 1. OMUNYE UMTHETHO

**a. IBhayibheli liwuchaza kanjani umthetho owawuphambene nathi futhi wabethelwa esiphambanweni? Kolose 2:14; Efesu 2:15. Njengoba izimiso zomthetho olushumi zazikhona ekuphelelisweni kwaseEdeni, sazi kanjani ukuthi lencazelo ngeke ibhekiswe kulowomthetho? Genesis 1:31.**

______________________________________________________________________

**b. Yiziphi ezinye zezinto eziqondile eziqukethwe kulomthetho wezimiso? Kolose 2:16, 21. Ingabe lamasabatha neminye imithetho ehlobene nomthetho wokuziphatha wasendulo owanikezwa endalweni-noma ngabe ayisithunzi sesehlakalo esizokwenzeka esikhathini esizayo ngemva kokuba isinikiwe? Kolose 2:17.**

______________________________________________________________________

"Ensimini yaseEdeni, uNkulunkulu wamisa isikhumbuzo somsebenzi Wakhe wokudala, ngokubeka isibusiso Sakhe phezu kosuku lwesikhombisa. ISabatha lanikezwa uAdamu, ubaba ofanekisa wonke umkhaya woluntu. Ukugcinwa kwalo kwakuzoba isenzo sokubonga kubo bonke abazokwakha emhlabeni, ukuthi uNkulunkulu unguMdali nombusi ofanelekile nokuthi bangumsebenzi wezandla Zakhe nezikhonzi zegunya Lakhe. Kanjalo lesikhungo siyisikhumbuzo esiphelele, futhi sanikezwa uluntu lonke. Kwakungekho kuwo okuyisithunzi noma okulinganiselwe noma yibaphi abantu."-*Patriachs and Prophets,* p. 48.

## 2. IZIMISO ZOMTHETHO

**a. Ingabe lezizinto ezaziyisithunzi zesehlakalo sakamuva ngempela okubhekiswe kuzo njengomthetho-futhi uma kunjalo, hlobo luni lomthetho? Heberu 10:1.**

"Abantu bakaNkulunkulu, labo ababiza ngengcebo Yakhe ekhethekile, babe-nenhlanhla yohlelo lomthetho oluphindwe kabili; owokuziphatha nowemikhosi. Omunye, ukhomba emuva endalweni ukugcina engqondweni uNkulunkulu ophilayo owenzile umhlaba, ozimfuno Zakhe ziyisibopho phezu kwabantu bonke ezikhathini zonke, nesizoba khona zonke izikhathi zokufika ekupheleni. Omunye, owanikezwa ngenxa yokwephula komuntu umthetho wokuziphatha, ukulalelwa okwakhiwa ngemihlatshelo neminikelo owawukhomba ukuhlengwa okuzayo. Ngamunye usobala futhi wahlukile komunye."-*The SDA Bible Comments* [E.G. White Comments], vol. 6, p. 1094.

**b. Lapho imihlatshelo yezilwane ifundiswa amaHeberu asendulo ukufanekisa (okuyisithunzi) komhlatshelo weWundlu likaNkulunkulu elalizofika, yiliphi iphuzu okwakudingeka liqondwe? Heberu 10:2-4, 6.**

"UKristu uQobo ubengumsunguli wohlelo lwamaJuda lokukhonza, lelo, ngezimpawu nemifanekiso, lwaluyisithunzi nesimoya sezinto zasezulwini. Abaningi bakhohlwa ukubaluleka ngempela kwaleminikelo; neqiniso elikhulu lokuthi ngoKristu kukhona ukuthethelelwa kwesono, kwabalahlekela bona. Ukwanda kweminikelo yomhlatshelo, igazi lezinkunzi nelezimbuzi, lalingenakho ukususa isono."-Ibid., vol. 7, p. 933.

**c. Yikuphi kuphela okunamandla okuhlanza icala lesono? 1 Johane 1:7.**

"Isifundo sasihlanganiswa nomhlatshelo ngamunye, sigcizelelwa kumkhosi ngamunye…. Ngegazi likaKristu kuphela kukhona ukuthethelelwa kwezono."-Ibid.

"Ukufa kukaJesu Kristu ngenxa yokuhlengwa komuntu kuphakamisa iveyili kubonise isikhukhula sokukhanya emuva iminyaka eyikhulu, phezu kwaso sonke isimiso sohlelo lwenkolo yamaJuda. Ngaphandle kokufa kukaKristu lonke loluhlelo lwalungasho lutho. AmaJuda amenqaba uKristu, ngakho-ke uhlelo lonke lwenkolo kubona alupheli, akuchazeki, futhi akunasiqiniseko. Bahlanganisa kakhulu ukubaluleka kwimikhosi yesithunzi semifanekiso ethe yahlangana nokoqobo njengoba benza kumyalo wemithetho elishumi, obungesona isithunzi, kodwa okoqobo okumi njalo njengesihlalo sobukhosi sikaJehova."- Ibid., vol. 6, p. 1097.

## 3. UHLELO LWEMIHLATSHELO

**a. Ngubani owayephakathi kwabokuqala ukwenza imihlatshelo yezilwane ngalendlela? Genesis 3:21, 24; 4:2-4; Heberu 11:4.**

---

"Umnikelo wemihlatshelo wagcotshwa nguNkulunkulu ukuba ubeyikhumbuzo esimiyo somuntu sokuqonda isono sakhe nokuvuma ukholo lwakhe kuMhlengi othenjisiwe. Kwakufanele ugcizelelwe phezu koluntu oluwileyo iqiniso elizothile lokuthi isono esabangela ukufa. KuAdamu, umnikelo womhlatshelo wokuqala waba yinkonzo ebuhlungu kunazozonke. Isandla sakhe kwakumele sithathe ukuphila kwesilwane, okunguNkulunkulu kuphela ongakunikeza. Kwakungokokuqala efakazela ukufa, futhi ubazi ukuthi uma ngabe walalela uNkulunkulu, ngabe ukufa komuntu nokwesilwane akukho. Lapho ebulala isilwane esingenacala, wathuthumela uma ecabanga ukuthi bekuyisono sakhe esibangela ukuchitheka kwegazi leWundlu elimsulwa likaNkulunkulu. Lesehlakalo samnika omcabango ojulile nosobala wobukhulu bokweqa kwakhe umthetho, okungekho lutho ngaphandle kweNdodana kaNkulunkulu engakuqeda. Futhi wamangala ngobuhle obungapheli obunganikeza inhlengo esinjalo sokusindisa onecala. Njengenkanyezi yethemba elikhanyisa ubumnyama nekusasa elisabekayo kanye nokukhululwa ekubhujisweni kwayo ngokuphelele."-*Patriachs and Prophets*, p. 68.

**b. Yisiphi isimiso esathuthukiswa emva kokuba abantu bengaliqondi icebo lensindiso eNtabeni yaseSinayi? Exodus 25:8.**

---

**c. Kungani ukuchitheka kwegazi kwakudingeka-na? Heberu 9:22. Lalifanekisani iwundlu lomhlatshelo? 1 Korinte 5:7; 1 Peter 1:19; Johane 1:29.**

"Waletha kubalalaleli bakhe ukwehlela phansi kwezimpawu nemifanekiso yomthetho wemikhosi kuKristu-ekubethelweni Kwakhe, ubupristi Bakhe, netabanakeli engcwele yenkonzo Yakhe-isifundo esikhulu sento eyenza isithunzi saso sibuyela emuva esikhathini samaJuda. Yena, njengoMesiya, obeyisifanekiso sayo yonke iminikelo yemihlatshelo. Umpostoli wabonisa ukuthi ngokuya ngesiprofetho nalokhu okulindelwe ngamaJuda amaningi, ukuthi uMesiya wayezovela kwinzalo kaAbrahama noDavide. Walanda uzalo lwakhe kukhokho omkhulu uAbrahama, ngomhlabeleli wasebukhosini. Wafakazela imibhalo okwakuzoba yisimilo nemisebenzi kaMesiya othenjisiwe, kanye nokwamukela nokuphathwa Kwakhe emhlabeni, njengoba kwafakazelwa ngabaprofethi abangcwele. Wase ebonisa ukuthi lezibikezelo nazo zasezigcwalisekile ekuphileni, enkonzweni, nasekufeni kukaJesu, futhi ngalokho ngempela wayenguMhlengi womhlaba."-*Sketches from the Life of Paul,* pp. 103, 104.

## 4. KUNGANI KWAPHELISWA

**a. Uma nje imikhosi yayiqhubeka njalo yenziwa ethempelini, kulokho uIsrayeli ayekholelwa kukho njengethemba lensindiso yabo? Isaya 1:10-15.**

"INdodana kaNkulunkulu ingumnyombo wecebo elikhulu lokuhlelngwa elihlanganisa zonke izinhlelo. Uyi'Wundlu elahlatshwa kusukela ekusekelweni komhlaba.' UnguMhlengi wamadodana namadodakazi awileyo kaAdamu ezikhathini zonke zomusa womuntu…UKristu uyingqikithi noma umzimba obuyisela umthunzi wawo esikhathini esedlule. Ekufeni kukaKristu, okuyisithunzi kwaphela. Ekufeni kukaKristu uhlelo lwemifanekiso lwapheliswa, kodwa umthetho kaNkulunkulu, ukwephulwa kwawo kwenza icebo lensindiso libaluleke, wawungcwalisa wawenza wahlonipheka. Ivangeli yizindaba ezimnandi zenjabulo kaAdamu, uNowa, uAbrahama, noMose; ngoba laveza kubo uMsindisi ozayo."-*The Signs of the Times*, Nhlolanja 20, 1893.

"IJerusalema bekuyidolobha elikhulu lamaJuda, futhi kwakutholakala ukwehluka okukhulu nobandlululo olunzima. AmaKrestu angamaJuda ayehlala eduze nethempeli ngokwemvelo ayezovumela izingqondo zabo ukuguqukela kumathuba akhethekile amaJuda njengesizwe. Lapho bebona ubuKrestu busuka kwimikhosi nemikhuba yobuJuda, becabanga ukuthi ubungcwele obukhethekile lowo imikhuba yamaJuda ibitshalwe kuyo masinyane izolahlekelwa umbono wokukhanya kwenkolo entsha, abaningi bakhula ukuthukuthelela uPawule, njengalowo, ngesilinganiso esikhulu, ubangele lenguquko….Abanye babewushisekela umthetho wemikhosi."- *Sketches from the Life of Paul*, p. 71.

**b. Esikhundleni semihlatshelo yonke, kuyini uNkulunkulu wayebhekeni? Isaya 1:16-18; Amahubo 51:17-19.**

**c. Kuyini icebo lensindiso elikulethayo ngegazi likaJesu Kristu lelo uhlelo lwemihlatshelo olwalungakwazi ukukwenza? Izenzo 4:12; Heberu 7:28, 19.**

"Ukukhanya okusobala nokukhazimulayo manje kukhanya phezu kwamaKrestu. Labo ababephila ngaphambi kokuza kukaKristu bebheka phambili ngokukholwa ukubuya Kwakhe, kodwa okumele kubanjwe ngokukholwa yibo njengethemba lethu; ngokuba siyazi ukuthi uKristu ufikile, njengoba kwabikezelwa ngabaprofethi. Kubalulekile nje kithi ukuba sibenoMhlengi wethu, oweza emhlabeni ukuba afe njengomhlatshelo wethu, njengoba kwakunjalo kubantu basendulo ukukholelwa kuMhlengi ozayo, owayefanekiswa ngeminikelo nemihlatshelo yabo."-*The Signs of the Times*, Nhlolanja 20, 1893.

## *Ngolwesine* — ***Nhlolanja 23***

## 5. SISADINGA UMTHETHO WEMIHLATSHELO NAMUHLA?

**a. Kungani sinomthetho wemikhosi obhalwe eBhayibhelini? 2 Thimothi 3:16.**

**b. Kuyini uJesu akwenzayo ezulwini namuhla? Heberu 8:1-5; 3:1.**

**c. Kuyini okufanele sikwenze njengoba uhlelo olusha lusebenza ngamandla ezulwini? Heberu 4:14-16.**

"Bekuyisifiso sikaKristu ukushiyela abafundi Bakhe inkonzo ezobenzela yona leyonto abayidingayo-ezosebenza ukubathukulula basuke kumasiko nemikhosi leyo abazihlanganise nayo njengebalulekile, nokuthi ukwamukelwa kwevangeli akucindezelwa nanini. Ukuqhubeka ngalamasiko kuzoba yinhlamba kuJehova."-*The SDA Bible Comments* [E.G. White Comments], vol. 5, pp. 1139, 1140.

"Izithunywa zesiphambano kufanele zihlome ngokuqaphela nangokukhuleka, ziqhubekela phambili ngokukholwa nangesibindi, ukusebenza njalo egameni likaJesu. Kufanele baphakamise uKristu njengomlamuleli womuntu etabanakeleni lasezulwini, Lowo kuyena yonke imihlatshelo yeTestamende Elidala igxile khona, nangaye umhlatshelo wenhlawulo wokwephulwa komthetho kaNkulunkulu ungathola ukuthula nokuthethelelwa."-*The Acts of the Apostles,* p. 230.

## *Ngolwesihlanu* — ***Nhlolanja 24***

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Sazikanjani ukuthi iSabatha losuku lwesikhombisa alufakwanga kwizithunzi zeTestamende Elidala?**
2. **Yiziphi izimpawu ezihlukile zemithetho emibili-owokuziphatha nowemikhosi?**
3. **Ngenxa yokufa okungaka, yisiphi isimo esisilahlekele uma kufa isilwane?**
4. **Kuyini okwenza kubenzima kumaJuda ayehlala eduze kwethempeli ukuqonda inkonzo yemihlatshelo ukuthi luphelile?**
5. **Kuyini esikuzuzayo namuhla ngokufunda ngenkonzo yendlu engcwele?**

## *Umnikelo WeSabatha Lokuqala Owendlu Yokukhonza-ePathankot, North Indian Union*

IPanthankot idolobha elisesifundeni saseIndia iPunjab. Emungceleni wePakistan ohlangothini olusentshonalanga futhi yindawo yokuhamba yesifunda sasePunjab, Himachu Pradesh kanye neJammu neKashmir. Isigijimi semvuselelo safika lapha ngonyaka ka2015, namalunga ebandla lethu athe akhula kuleminyaka edlule. Ngenxa yokuhanjiswa kweZifundo zesiKolo seSabatha, imiphefumulo emisha eyigugu ngokuba maganga bafuna iqiniso lanamuhla.

Kusukela ngonyaka ka2011, indawo yasedolobheni lasePathankot lalinabantu abangu 159, 909-nezinga lokufunda nokubhala elingu 88.71%. Lizungezwe ububanzi (inxenye yezintaba zaseHimalaya) kanye nomfula iChakki. Izindawo ezidumile eziseduze nePathankot zihlanganisa iShahpur Kandi kanye nendlu elengisiwe yokuphumula yezihambi kanye nedamu laseRanjit Sagar, okuyidamu lamandla adonsela phansi eliphakeme kunawo wonke eAsia. Izimboni ezikhona zihlanganisa ukukhiqizwa kobisi, ilayisi, izindwangu, imishini yokuthunga izimpahla zezemidlalo, ushukela, isitashi, umanyolo, amabhayisikili, izinsimbi zesayensi, izimpahla zikagesi, amathulusi omshini namafutha kaphayini.

Izinkolo ePathankot ngamaHinduism angu 88.89%, Sikhism 8.01%, kanye namaKrestu 1.73%, kulandele amaIslam nezinye izinkolo. Itholakala ezindaweni eziphansi zeKangra neDalhousie, nomfula iChakki ogeleza eduze, lelidolobha livame ukusetshenziswa njengendawo yokuphumula ngaphambi kokuba ungene ezintabeni zaseJammu ne Kashmir, Dalhousie, Chamba, Kangra, Dharamshala, Mcleodganj, Jwalaji, Chintpurni uze ufinyelele ngaphakathi kweHimalaya. Abafundi abaningi basemaphandleni abakwizifunda ezingomakhelwane beza ePathankot ukuthola imfundo.

IPathankot ixhumene kahle ngendlela yesitimela kanye nomgwaqo neIndia yonke, futhi ixhumene nge-network ebanzi yangasese kanye nendawo yamabhasi omphakathi aya kwamanye amadolobha asePunjab, Himachal Pradesh, Dehli, Haryana, Jammu kanye Kashmir. Izindawo ezibalulekile ezifana neDehli, Manali Chandigarh, Jammu, Dharamshala, Dahousie kanye neAmritsar.

Ngakho-ke, ngokufanayo neKarpanawume esikhathini sikaJesu, iPathankot isebenza njengendawo yokuphambana kwezindlela yezihambi-kanjalo, ingasebenza ukuhambisa ivangeli! Asinazo izinsiza okungezethu ukuthenge umhlaba wokwakha ibandla, kanjalo sidinga usizao oluvela kubazalwane nodade emhlabeni wonke ukuba bathumele iminikelo yesihle ukuba sakhe isikhumbuzo seNkosi ePathankot, India. "Ngokuba uNkulunkulu uyamthanda onikelayo ethokoza" (II Korinte 9:7), futhi ngalethemba siyakhuleka eNkosini ukubusisa ngamunye kakhulu.

*Abazalwane nodade abavela ebandleni lasePathankot*

**Isifundo 9** **ISabatha, Ndasa 4, 2023**

# Uma Sizivuma

**IVESI LEKHANDA: "Uma sizivuma izono zethu, uthembekile, ulungile ukuba asithethelele izono, asihlambulule kukho konke ukungalungi"(1 Johane 1:9).**

"Vuma izono zakho kuNkulunkulu, oNguye kuphela ongazithethelela, neziphambeko zenu omunye komunye."-*Steps to Christ,* p. 37.

**Izincwadi Ezinikeziwe:** *Steps to Christ,* pp. 23-35, 37-41;
*Testimonies for the Church,* vol. pp. 635-650.

## *NgeSonto* *Nhlolanja 26*

### 1. INDLELA EFANAYO KOKUSHA NOKUDALA

**a. Njengoba uNkulunkulu engagquki (Malaki 3:6, Heberu 13:8), kuyini esingakuqonda ngesifiso Sakhe maqondana nokusindiswa kwayo yonke imiphefumulo ayidalileyo? Amahubo 78:38; Hezekeli 18:32; 2 Peter 3:9.**

________________________________________________________________________________

________________________________________________________________________________

"[UNkulunkulu] akafuni kubhubhe namunye, kodwa ulangazela ukubona bonke beza ekuphendukeni….Inkemba yokulunga yahlela [kuJesu] ukuze bahambe bekhululekile. Wafa ukuze baphile."-*God's Amazing Grace,* p. 326.

**b. Ekunikezelweni kwethempeli elakhiwa nguSolomoni, iyiphi inxenye enkulu yeTestamende Elidala amemezela ukuzimisela kukaNkulunkulu ukuthethelela? 2 Izikronike 7:12-14. Lokhu kuzwakala kanjani kwiTestamende Elisha? 1 Johane 1:9; 2:1.**

________________________________________________________________________________

"Isono somuntu asenze ngasese kumele sivunywe kuKristu, oNguye kuphela umlamuli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu….Sonke isono siyenyanyeka kuNkulunkulu, futhi kumele sivunywe Kuye ngoKristu. Zonke izono ezisobala kufanele zivunywe obala. Ububi obenziwe komunye umuntu kufanele bulungiswe nalowo owoniwe. Uma kukhona ofuna impilo ngenxa yecala lokukhuluma kabi, uma athe wadala ingxabano endlini, komakhelwane, noma ebandleni, othe wabhebhethekisa ukwehlukana, hleze ngomkhuba omubi uye wafaka abanye esonweni, lezinto kumele zivunywe phambi kukaNkulunkulu naphambi kwalabo abezwe ubuhlungu."-*Gospel Workers,* pp. 216, 217.

## 2. INYATHELO LOKUQALA EKUZUZENI UKUTHETHELELWA

**a. Njengoba umsebenzi kaMoya Ongcwele ungukuletha ukuqiniseka enhliziyweni (Johane 16:8), kufanele ibeyini impndulo yethu yokuqala? Amahubo 86:5.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Ukuboniswa isono kubamba ingqondo nenhliziyo. Isoni sinomqondo wokulunga kukaJehova sizwa ukwesaba kokubonwa, ngesono sakhe kanye nokungcola, siphambi kwalowo oHlola izinhliziyo. Sibona uthando lukaNkulunkulu, ubuhle bobungcwele, injabulo yokuhlanzeka; silangazela ukuhlanzwa nokubuyiselwa ebudlelwaneni neZulu."-*Steps to Christ,* p. 24.

"Ukuthi inguquko eza ngenxa yomfutho womusa ongcwele phezu kwenhliziyo iholelwa ukuba ivume futhi ishiye isono. Zazinjalo izithelo zabapostoli abazimemezela futhi zabonwa ekuphileni kwamakholwa aseKorinte."-*The Acts of the Apostles,* p. 324.

**b. Uma sibheka isibonelo ngosuku lwePentekoste, kuyini okwenzeka ngenxa yokuvuka kukanembeza ekugwetshweni kwesono? Izenzo 2:36, 37.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Kwakungenxa yokuvuma nokushiya isono, ngomkhuleko ophikelelayo nangokuzinikela kuNkulunkulu, nokuthi abafundi bokuqala balungiselela ukuthululwa koMoya Ongcwele ngosuku lwePentekoste. Umsebenzi ofanayo, kuphela ngezinga eliphakeme, kumele wenziwe."-*Testimonies to Ministers,* p. 507.

**c. Singawuchaza kanjani umphumela wokuqiniseka okuholela kwinguquko yokuphila? Izenzo 2:38.**

_______________________________________________________________________________

_______________________________________________________________________________

"Ngaphambi kokuba [uIsrayeli] athole ukuthula kweqiniso kwakumele aholelwe ukuba abone futhi avume sona kanye isono anecala ngaso."- *Patriachs and Prophets,* p. 614.

"Ukuvuma kweqiniso njalo kungokwesimilo esikhethekile, nokuvuma izono ezithize. Lokhu kungaba okwemvelo futhi kulethwe phambi kukaNkulunkulu, kungaba khona iziphambeko okumele zivunywe kumuntu ngamunye ozwe ubuhlungu ngenxa yabo, noma babe ngolunye uhlobo okumele lwaziwe lapho kuhlangene abantu. Kodwa konke ukuvuma kumele kuqiniseke futhi kuqonde, ngokuvuma izono onecala kuzo."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 639.

## 3. ISIBONELO SOKUPHENDUKA KWAMANGA

**a. Ingabe uJudasi waphenduka ekukhapheleni uKristu kumpristi omkhulu (Mathewu 26:14-16, 47-49)? Kungani noma kungani kungenjalo? Mathewu 27:3, 4.**

_______________________________________________________________________

"UJudasi manje uzilahla ezinyaweni zikaJesu, evuma Kuye ukuthi uyiNdodana kaNkulunkulu, emncenga ukuba aZikhulule. UMsindisi akazange amsole lowo owamkhaphelayo. Ubazi ukuthi uJudasi akaphendukanga ngokweqiniso; ukuvuma kwakhe kwaphoqeleka ukuba kusuke emphefumulweni wakhe onecala ngomqondo omubi wokulahlwa kanye nokufuna ukwahlulelwa, kodwa akazange abenosizi olujulile oludabukisayo lokuthi wakhaphela iNdodana kaNkulunkulu engenacala, wenqaba uMoya Ongcwele kaIsrayeli. Nokho uJesu akakhulumanga izwi lokulahlwa. Wabheka uJudasi wamhawukela, wathi, ngokuba ngalesi sikhathi ngiZile emhlabeni."-*The Desire of Ages,* p. 722.

"Uma isono sesibulele umbono wokuziphatha, owenza okubi akahlukanisi ubuthakathaka besimilo sakhe noma abone ububi besono asenzile; ngaphandle kokuthi azinikele kumandla alahlayo oMoya Ongcwele uhlala ephuphuthekile inxenye esonweni sakhe. Ukuvuma kwakhe akuqinisekanga futhi akukho qotho. Konke ukuvuma kwesono sakhe sinezela ukuxolisa sithethelela indlela yaso, sithi ukuba bekungengenxa yezimo ezithile ubengeke enza lokhu noma lokhu asolwa ngakho."-*Steps to Christ,* p. 40.

"Ngokukholwa nokukhuleka bonke bangafinyelela kwizimfuno zevangeli. Akukho muntu ozocindezelwa ukuba one. Kumele kutholwe imvumo yakhe kuqala; umphefumulo kumele ubenehloso ngesenzo esibi ngaphambi kokuba inkanuko ibuse phezu kwengqondo noma ububi bunqobe unembeza. Isilingo, noma sinamandla kangakanani, angeke saba izaba zokona."-*Testimonies for the Church,* vol. 5, p. 177.

**b. Chaza ukuthi lokhu kwakuluhlobo lokuphenduka okuholela ekuphileni okuphakade noma cha. Mathewu 27:5; 2 Korinte 7:8-11.**

"Abaningi bayazikhohlisa, futhi bangena kumacebo lawo iNkosi engenamsabenzi ngawo. Kodwa indlela kuphela ephephile engalandelwa ukulalela izwi leNkosi. Esikhundleni sokwenza lokhu, abaningi bahlosa ukwenza izinto ezimangalisayo. Bathola kulula ukuceba into enkulu kwisikhathi esizayo kunokuba badele umina, banikele inhliziyo kuNkulunkulu, ngengqondo, ngentando, bazinikele ukuba babunjwe ngamandla lawo angadala noma abulale. Abasha mabahlole ngokujulile izenzo zabo ngomthandazo nangokuphenya iMibhalo, futhi babone ukuthi intando nokuthambekela kwayo akusuki yini kwizimfuno zikaNkulunkulu."-*The Youth Instructor,* Ndasa 23, 1893.

## 4. ISIBONELO SOKUGUQUKA KWEQINISO (AMAHUBO 51)

**a. Kuyini okwenzekayo uma singazivumi izono zethu phambi kukaNkulunkulu futhi kulokho sithule ngakho? Amahubo 32:3, 4.**

**b. Ngemva kokuba umprofethi uNathani aveze ngokuqondile ekwembuleni izono zikaDavide (2 Samuweli 12:1-12), inkosi yaphendula yathini? 2 Samuweli 12:13.**

"Ukukhuza komprofethi kwathinta inhliziyo kaDavide; unembeza wavuswa; isono sakhe sabonakala ubukhulu baso bonke. Umphefumulo wakhe wakhothamela ukuphenduka phambi kukaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 722.
"Ukuphenduka kukaDavide kwakuqotho futhi kujulile. Wawungekho umzamo wokufihla isono sakhe. Kungekho nesifiso sokubalekela isijeziso esisongelwayo, kwakhuthaza umkhuleko wakhe. Kodwa wabona ububi bokwephula kwakhe umthetho kaNkulunkulu; wabona ukungcola komphefumulo wakhe; wasenyanya isono sakhe. Kungesikho ukuthethelelwa kuphela ayekukhulekela, kodwa ukuba ahlanzwe nenhliziyo. UDavide akazange aphelelwe yithemba ngenxa yalomshikashika. Ezithembisweni zikaNkulunkulu izoni eziphendukayo zibona ubufakazi bokuthethelelwa nokwamukelwa kwakhe."-Ibid., p. 725.

**c. Lokhu kwenzeka kanjani futhi enhliziyweni kaSimon waseBethaniya? Luka 7:40-48. Ngeyiphi indlela kuphela ukuthula nokubuyisana okungatholakala ngayo? Amahubo 32:5; Jeremiya 3:13; 1 Johane 1:9.**

"Njengoba enza uNathani kuDavide, uKristu wafihla umuzi Wakhe waphonswa ngaphansi kweveyili lemifanekiso. Waphonsa phezu kwebutho Lakhe umthwalo wokumemezela isigwebo phezu kwakhe. USimoni waholela esonweni owesifazane owayedelelekile kuye manje. Woniwe kakhulu nguye. Abakweletayo ababili kulomfanekiso, USimoni nowesifazane babemelwe. UJesu akazange ahlele ukufundisa ukuthi amazinga ahlukene esibopho kufanele atholwe yilabantu ababili, ngoba omunye unecala lokubonga esingeke sakhokhwa futhi. Kodwa uSimoni wazizwa elungile kakhulu ukudlula uMariya, uJesu walangazela ukuba abone ukuthi likhulu kangakanani ngempela icala lakhe. Uzombonisa ukuthi isono sakhe sasisikhulu kunesakhe, sikhulu kakhulu sedlula isikwekeletu sodenariyo abangamakhulu amahlanu sedlula isikweletu sodenariyo abangamashumi amahlanu .

"USimoni waqala ukuzibona ngokukhanya okusha….Amahloni ambamba, wabona ukuthi uphambi koMkhulu kunaye.

"USimoni wathintwa umusa kaJesu ngokungamkhuzi phambi kwezihambi….Iseluleko sesineke saqinisekisa iphutha lakhe. Wabona ubukhulu besikweletu asikweleta iNkosi yakhe. Ukuqhosha kwakhe kwathotshiswa, waphenduka, futhi uMfarisi ozikhukhumezayo waba umfundi ophansi, ozidelayo."-*The Desire of Ages,* pp. 566-568.

## *Ngolwesine* **_Ndasa 2_**

## 5. ISIPHO SOKUTHETHELELA

**a. Uma singene ngokujulile esonweni, singaholelwa kanjani osizini olujulile lwezono zethu? Izenzo 5:30, 31; Isaya 55:6, 7; Heberu 4:16.**

---

"Inguquko efana nalena, ingaphezu kwamandla ethu ukuba singayifeza; itholakala kuphela kuKristu, owenyukela phezulu futhi wanika abantu izipho."-*Steps to Christ,* p. 25.

"Uma ubona ukona kwakho, ungalindi ukuba uzenze ngcono. Bangakhi abacabanga ukuthi abalungile ngokwanele ukuza kuKristu. Ingabe ulindele ukubangcono ngemizamo yakho? 'UMkhushe angasiguqula isikhumba sakhe, nengwe amabala ayo-na? Khona ningenza okuhle nina-enifundisiwe ukwenza okubi,' Jeremiya 13:23. Lukhona usizo lwethu kuphela kuNkulunkulu. Masingalindeli ukuncenga okunamandla, noma amathuba angcono, noma ukuphatha okungcwele. Angeke sazenzela lutho ngokwethu. Kufanele size kuKristu njengoba sinjalo."-Ibid., p. 31.

**b. Singalindela ngokugcwele kangakanani ukuthi lomsebenzi kaNkulunkulu wenzelwe thina nakithi? Heberu 12:12; Filiphu 1:6.**

"Ukuphenduka, kanye nokuthethelela, kuyisipho sikaNkulunkulu ngoKristu. Kungenxa yomfutho kaMoya Ongcwele esilahlwa ngesono, sizizwe sinesidingo sokuxolelwa. Akukho ngaphandle kwabazisolayo abathola ukuthethelelwa; kodwa kungumusa kaNkulunkulu owenza inhliziyo idabuke. Ujwayelene nobuthakathaka bonke bethu nokugula kwethu, futhi uZosisiza."-*Selected Messages*, bk. 1, p. 353.

**c. Uzoba yini umphumela waloluhlobo lokuvuma kwangempela? Roma 8:1.**

## *Ngolwesihlanu* **_Ndasa 3_**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Kuyini esingakufunda kumkhuleko kaSolomoni ekunikelweni kwethempeli?**
2. **Yimaphi amanyathelo esiwadingayo ngempela uma sifuna ukuhlanganyela ekuqedeni umsebenzi kaNkulunkulu ngaphansi kwamandla Emvula Yamuva?**
3. **Kungani kunesidingo sokuvuma izono zethu kuNkulunkulu? Sinokuziphendulela okungakanani ngesenzo sokona?**
4. **Sidinga ukucophelela kangakanani ekuboniseni umuntu ukuthi unecala?**
5. **Kungenzeka kanjani ukuba isoni siphenduke-na?**

**Isifundo 10** **ISabatha, Ndasa 11, 2023**

# "Bangcwelise Ngeqiniso Lakho"

**IVESI LEKHANDA:"Umkhondo wabalungileyo unjengokukhanya kokusa okuqhubeka ngokukhanya njalo kuze kube semini" (Izaga 4:18).**

"Uma sizinikela ngokuphelele kuNkulunkulu, futhi sikholwe ngokugcwele, igazi likaKristu liyasihlanza ezonweni zonke. Unembeza uzokhululwa ekulahlweni. Ngokukholwa egazini Lakhe, bonke bangapheleliswa kuKristu Jesu. Sibonga uNkulunkulu ukuthi asibhekani nokungenzeki. Singabiza ukungcweliswa. Singajabulela umusa kaNkulunkulu. Akufanele sikhathazeke ngokuthi uKristu noNkulunkulu bacabangani ngathi, kodwa ukuthi uNkulunkulu ucabangani ngoKristu, uMbabeli wethu."-*Selected Messages,* bk. 2, pp. 32, 33.

**Incwadi Enikeziwe:** *The Acts of the Apostles,* pp. 557-567.

## *NgeSonto* ***Ncwaba 5***

## 1. UKULUNGISISWA

**a. Lapho sivuma izono zethu ngokweqiniso futhi sinikele ukuphila kwethu kuJesu-noma ekuqaleni kwamava ethu obuKrestu noma kumanyathelo endlela yonke-kuyini esikuzuzayo kuNkulunkulu? Roma 3:24-26.**

______________________________________________________________________

"Kwakungenzeka kuAdamu, ngaphambi kokuwa, ukuba akhe isimilo esilungile ngokulalela umthetho kaNkulunkulu. Kodwa wehluleka ukwenza lokho, futhi ngenxa yesono sakhe imvelo yethu nayo iwile asikwazi ukuba singazenza abalungile ngokwethu. Njengoba siyizoni, singcolile, asikwazi ukulalela umthetho ongcwele ngokuphelele. Asinakho ukulunga okungokwethu kokuhlangabezana nezimfuno zomthetho kaNkulunkulu. Kodwa uKristu usenzele indlela yokuphepha. Waphila emhlabeni phakathi kwezilingo nezihibe esihlangana nazo. Waphila impilo engenasono. Wasifela, manje uyaZinikela ukuthatha izono zethu asiphe ukulunga Kwakhe. Uma uzinikela Kuye, umamukele njengoMsindisi wakho, besekuthi, noma ukuphila kwakho bekonakele kangakanani, ngenxa Yakhe ubalelwa ukuthi ulungile. Isimilo sikaKristu sime endaweni yesimilo sakho, futhi uyamukeleka phambi kukaNkulunkulu kungathi awuzange wona."-*Steps to Christ,* p. 62.

**b. Luzothatha isikhathi esingakanani loluhambo? Izaga 4:18; Marako 13:13.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

## 2. UKUKHULISA UZWELO LOBUKRESTU

**a. Ngaphandle kwentethelelo/noma ukulungisiswa, kuyini okunye uNkulunkulu afuna ukusinika kona? 2 Korinte 7:1; Heberu 6:1; Filiphu 3:12-14.**

---

"Ukuguquka kwesimilo okunjalo njengoba kwabonakala kuJohane kulokhu kungumphumela wokuxhumana noKristu. Zingase ziphawuleke izici esimilweni somuntu, kepha abe ngumfundi kaKristu weqiniso, amandla omusa ongcwele amguqulile futhi amngcwelisa. Ebheka njengasesibukweni inkazimulo kaJehova, uyaguqulwa ukusuka enkazimulweni ukuya enkazimulweni, aze afane Nalowo amthandayo."-*The Acts of the Apostles,* p. 559.

"Ngaphandle komusa kaKristu, isoni sikwisimo esingenathemba; akukho esingenzelwa kona; kodwa ngomusa ongcwele, namandla angaphezu kwemvelo abelwa umuntu, asebenze engqondweni nasenhliziyweni nasesimilweni. Kungenxa yokungeniswa komusa kaKristu ukuthi isono sibonakale esimeni saso esinenzondo futhi ekugcineni sikhishwe ethempelini lomphefumulo."-*Selected Messages,* bk. 1, p. 366.

"Akukho lutho ngaphandle kwamandla kaNkulunkulu angakwazi ukuvuselela inhliziyo yomuntu futhi agcwalise imiphefumulo ngothando lukaKristu, oluzohlala lizibonakalisa ngothando kulabo aBafelayo. Isithelo sikaMoya siluthando, injabulo, ukuthula ukubekezela, ubuhle, ukukholwa, ubumnene, ukuzithiba. Uma umuntu ephendukele kuNkulunkulu, ukunambitha okusha kokuziphatha kuyanikezwa, amandla amasha ashukumisayo ayanikezwa, uthanda izinto ezithandwa nguNkulunkulu; ngoba ukuphila kwakhe kuboshelwe ngeketanga legolide lezithembiso ezingaguquki zokuphila kukaJesu. Uthando, injabulo, ukuthula, nokubonga okungelinganiswe kuzogcwalisa umphefumulo, futhi ulwimi lwalowo obusisiwe luzoba ukuthi, 'Nobumnene bakho bungikhulisile' (Amahubo 18:35)."-Ibid., p. 336.

**b. Yiziphi ezinye izinyathelo zokukhuliswa komusa womKrestu azidingayo endleleni eya embusweni wezulu? 2 Peter 1:5-11.**

"UKristu, ohlanganisa umhlaba nezulu, uyisikhwelo. Isisekelo sitshalwe saqina emhlabeni ngobuntu Bakhe; isiyingi esiphezulu sifinyelela esihlalweni sobukhosi bukaNkulunkulu. Ubuntu bukaKristu buhlanganisa umuntu owileyo, kuyilapho ubungcwele Bakhe bubambe isihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Sisindiswa ngokukhwela sizungeza isikhwelo, sibheke kuKristu, senyuka inyathelo ngenyathelo ekuphakameni kukaKristu, ukuze enziwe kithi ukuhlakanipha, nokulunga, nokungcweliswa, nokuhlengwa."-*Testimonies for the Church,* vol. 6, p. 147.

## 3. AMANDLA ATHOLAKALA NGEZWI LIKANKULUNKULU

**a. UNkulunkulu ukhanyisela kanjani izingqondo zethu ukuze ukukhula kobuKrestu kuqhubekele phambili kancane kancane? 2 Korinte 4:4-6; Amahubo 119:105; Levi 20:7, 8.**

---

"Lapho intando yomuntu isebenzisana nentando kaNkulunkulu, iba namandla onke. Noma yini okufanele yenziwe ngomyalo Wakhe ingafezwa ngamandla Akhe. Zonke izicelo Zakhe ziyasiza."-*Christ's Object Lessons,* p. 333.

"Ukuphelela kwesimilo kusekelwe phezu kwalokhu uKristu azokusebenzisa. Uma njalo sencike ekufanelekeni koMsindisi wethu, sihambe emanyathelweni Akhe, sizofana Naye, simsulwa futhi sihlanzekile.

"UMsindisi wethu akadingi okungenzeki emphefumulweni ngamunye. Akalindele lutho kubafundi Bakhe lokhu angathandi ukubanika umusa namandla okukwenza. Ubengeke ababize ukuba bapheleliswe uma emyalweni Wakhe wayengenakho konke ukuphelela komusa ukubanika labo azobanika ilungelo eliphakeme kangaka nelingcwele. Ubathembisile ukuthi uyathanda kakhulu ukunikeza uMoya Ongcwele kubo abawucela Kuye kunabazali abapha abantwana babo izipho ezinhle."-*That I may Know Him,* p. 130.

**b. Silubiza ngokuthini lohlelo lokukhula kobuKrestu eqinisweni ngamandla eZwi? Johane 1:14; 17:17.**

---

"Uma iqiniso liba isimiso esihlala njalo ekuphileni, umphefumulo 'uzalwa kabusha, kungeyona imbewu ebolayo, kodwa engaboliyo, lezwi likaNkulunkulu, eliphila futhi lihlala phakade.' Lokuzalwa kabusha kungumphumela wokwamukela uKristu njengezwi likaNkulunkulu. Lapho ngoMoya Ongcwele amaqiniso angcwele ecindezelwa enhliziyweni, imicabago iyavuswa, futhi amandla alele kuze kube manje ayavuswa ukuze asizane noNkulunkulu."-*The Acts of the Apostles,* p. 520.

"Ukungcweliswa kwebandla kuyinjongo kaNkulunkulu kukho konke ukuxhumana Kwakhe nabantu Bakhe. Uzikhethele bona kusukela ephakadeni, ukuthi babengcwele. Wanikela ngeNdodana Yakhe ukuba ibafele, ukuze bangcweliswe ngokulalela iqiniso, wahlubula kubo ubuncane bukamina. Kubona ufuna umsebenzi womuntu ngamunye, ukuzinikela komunye. UNkulunkulu angahlonipheka kulabo abazishoyo ukuthi bakholwa Kuye, kuphela uma behambisana nomfanekiso Wakhe futhi belawulwa nguMoya Wakhe. Khona-ke, njengofakazi boMsindisi, bangazisa abanye lokhu umusa ongcwele ubenzele kona."-Ibid., p. 559.

## *Ngolwesithathu* **_Ndasa 8_**

## 4. IZIBIZO ZAMANGA

**a. Uma sibheka abantu abangwele bakaNkulunkulu ezikhathini zeBhayibheli, kuyini esingakuqonda mayelana nokufuna ukunqoba kokugcina? 1 Johane 1:8, 10; Roma 7:18; Galathiya 6:14.**

__________________________________________________________________________

__________________________________________________________________________

"Udumo olwanikezwa uDanyeli lwavusa umona kumadoda ayengabaholi embusweni. Khona abongameli nezikhulu base befuna ukuthola utho ngoDanyeli oluqondene nombuso, abatholanga lutho nacala kuye, ngokuba wayethembekile; akutholwanga siphosiso nacala kuye' (Danyeli 6:4).

"Yisiphi isifundo lapha esilethwa kumaKristu wonke. Amehlo abukhali omona ahlala ethe njo kuDanyeli ezinsukwini ezilandelayo; ukubukela kwabangela inzondo; kodwa akuzange kubekhona izwi noma isenzo sokuphila kwakhe abangakwenza kubonakale kuphambukile. Futhi noma kunjalo akazange afune ukungcweliswa, kodwa wenza lokho okwakungcono kakhulu-waphila ngokwethembeka nokuzinikela."-*The Sanctified Life,* p. 42.

"Ukungcweliswa kwamanga kuholela kude neBhayibheli ngokuqondile. Inkolo iguqulwa ibe yinganekwane. Imizwa nokuvelayo kwenziwa kube ngumbandela. Lapho bezisho ukuthi kabanasono futhi bezigqaja ngokulunga kwabo, labo abathi bangcwelisiwe bafundisa abantu ukuthi bakhululekile ukweqa umthetho kaNkulunkulu nokuthi labo abalalela imiyalo yawo bawile emuseni. Ukwethulwa kokusho kwawo kuvusa intukuthelo nokudelela. Isimilo sabo siyabonakaliswa, ngoba 'Ukunaka kwenyama kungubutha kuNkulunkulu: ngokuba akuwuthobeli umthetho kaNkulunkulu, yebo, futhi kungekwenze' (Roma 8:7)."-*Faith and Works,* p. 53.

**b. Ingabe ukukholelwa kwisidingo sokungcweliswa kusho ukuthi sizuza insindiso yethu? Johane 14:15; 1 Johane 3:5, 6.**

"Ukulunga kunezimpande zawo zokwesaba uNkulunkulu. Akukho umuntu olungile njengoba ekholwa kuNkulunkulu futhi egcina ukuxhumana okubalulekile Kuye. Njengembali yensimu enezimpande zawo emhlabathini; njengoba kufanele ithole umoya, amazolo, izihlambi zemvula, nokukhanya kwelanga, ngokunjalo simelwe ukwamukela kuNkulunkulu lokhu okunakekela ukuphila komphefumulo. Kungenxa kuphela yokuba ngabanhlanganyeli bemvelo Yakhe ukuthi sithole amandla okulalela imithetho Yakhe. Akukho muntu, ophakeme noma ophansi, onamava noma ongenamava, ongakwazi ukugcina njalo njalo phambi kwabanye abantu ukuphila okumsulwa, namandla ngaphandle uma ukuphila kwakhe kufihleke noKristu kuNkulunkulu."-*Testimonies for the Church,* vol. 7, p. 194.

## *Ngolwesine* **Ndasa 9**

### 5. KUTHIWANI NGOKUNGCWELISWA?

**a. Ukukhula kokungcweliswa-esimilweni sobuKrestu-ngokuvamile kuyabonakala kumuntu okwenzeka kuye-na? Marako 4:26-29. Kuthiwani ngabanye-na?**

"Umfutho ongafundiwe, ongazi lutho ngokuphila okungcwele uyintshumayelo enelisa kakhulu enganikezwa ngokuvuna ubuKrestu. Izingxabano, ngisho noma zingaphenduleki, zingase zibange impikiswano kuphela; kepha isibonelo sokuhlonipha uNkulunkulu sinamandla okungenakwenzeka ukuba umelane nawo ngokuphelele."-*The Acts of the Apostles*, p. 511.

**b. Kuyini okubonisa ukuthi lokukhula kuyaqhubeka nokuthi asikwazi neze ukuhlala senelisekile ngenqubekela phambili yethu kanye nesikuzuzile? 1 Korinte 15:31; Mathewu 10:22; Filiphu 3:12-16.**

"UNkulunkulu uzovumela wonke amadodana namadodakazi Akhe ajabule, abenokuthula, futhi alalele….Ngokukholwa, konke ukuntuleka kwesimilo kunganikezwa, konke ukungcola kuhlanzwe, wonke amaphutha alungiswe, bonke ubuhle buthuthukiswe."-*The Acts of the Apostles*, p. 564.

"Ukungcweliswa akuwona umsebenzi womzuzwana, noma owehora, noma wosuku olulodwa, kodwa umsebenzi wempilo yonke. Akutholakali ngomuzwa wokubaleka okujabulisayo, kodwa ngumphumela wokufa njalo esonweni, nokuhlala njalo ukuKristu. Amaphutha angeke alungiswe noma izinguquko ezenziwa kwisimilo ngemizamo ebuthakathaka, nengapheliyo. Kuphela, ngomzamo ophikelela isikhathi eside, ukuzithiba okubuhlungu, kanye nokungqubuzana okuqinile, yilapho sizonqoba. Asazi ngelinye ilanga ukuthi ingxabano yethu izoba namandla angakanani ngokulandelayo. Njengoba uSathane esabusa, siyazithobisa, sigqilaza izono okumele sizinqobe; inqobo nje uma ukuphila kusekhona, ngeke kube nendawo yokuma, akukho phuzu esingafinyelela kulo futhi sithi, ngilizuzile ngokungcwele. Ukungcweliswa kungumphumela wokulalela ukuphila konke kwethu."-Ibid., pp. 560, 561.

## *Ngolwesihlanu* **Ndasa 10**

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Siphathwa kanjani nguNkulunkulu mayelana nesikhathi sonke sokulungisiswa?**
2. **UNkulunkulu ubonisa kanjani ukuthi isifiso Sakhe ngathi singaphezu kokuthethelela?**
3. **Iyini imfihlakalo yenguquko?**
4. **Ukungcweliswa kwamanga kusiholela ukuba sisuke kuphi-na?**
5. **Sazi-kanjani ukuthi ukungcweliswa kubandakanya ukuphila konke nokukhula okuqhubekayo?**

# Isivumelwano Esidala

**"IVESI LEKHANDA: "Bhekani izinsuku ziyeza, isho iNkosi, lapho ngiyakwenza isivumelwano esisha nendlu kaIsrayeli, nendlu kaJuda" (Heberu 8:8).**

"UNkulunkulu wabona okwakwenzeka ekamu. Wabona ukuthi abantu, ngisho nangesikhathi inkazimulo engcwele isahlezi phezu kweSinayi, bazinikela ezilingweni zikaSathane, futhi baceba ukumelana nomthetho abathembise ukuwulalela."-*The Youth's Instructor,* Lwezi 21, 1901.

**Incwadi Enikeziwe:** *Patriachs and Prophets,* pp. 370-373.

## *NgeSonto* *Ndasa 12*

### 1. UBUGQILA BULAHLEKISA IZINGQONDO

**a. Sasinjani isimo sika-Israyeli iminyaka eminingi-futhi lesimo sathinta kanjani ulwazi lwabo ngoNkulunkulu nemithetho Yakhe? Exodusi 20:1, 2; Duteronomi 5:15.**

________________________________________________________________________

"Ebugqilini babo abantu ngezinga eliphakeme balahlekelwa ulwazi ngoNkulunkulu nezimiso zesivumelwano sikaAbrahama. Ngokubakhulula baphume eGibhithe, uNkulunkulu wazama ukwembula kubo amandla Akhe nomusa Wakhe, ukuze baholelwe ukuba bamthande futhi bamethembe. Wabaletha Olwandle Olubomvu-lapho, bexoshwa ngabaseGibhithe, ukuphepha kubonakala kungeke kwenzeka-ukuze babone ukungakwazi ukuzenzela ngokuphelele, isidingo sosizo lwabo olungcwele, wasebenzela inkululeko yabo. Kanjalo bagcwaliswa ngothando nokubonga kuNkulunkulu benethemba emandleni Akhe okubasiza. Wababophelela Kuye njengomkhululi wabo ebugqilini besikhashana.

"Kodwa kwakukhona iqiniso elikhulu okumele licindezelwe ezingqondweni zabo. Ngokuphila phakathi kwabantu abakhonza izithombe nabakhohlakele, babengenawo umqondo weqiniso ngobungcwele bukaNkulunkulu, kanye nobubi obudlulele bezinhliziyo zabo, ukungakwazi kwabo ngokuphelele, ukuthobela umthetho kaNkulunkulu, kanye nesidingo sabo soMsindisi, konke lokhu kufanele bafundiswe."-*Patriachs and Prophets,* p. 371.

**b. UNkulunkulu wabaletha kuphi ukuze baqonde ukulunga nobungcwele bomthetho Wakhe? Exodusi 19:1, 5, 6.**

## 2. UBUBI BESONO

**a. Ama-Israyeli asabela kanjani ezithembisweni zezibusiso ngisho nangemva kokuqonda umthetho lapho ukhulunywa nguNkulunkulu? Exodusi 19:8; 24:3.**

______________________________________________________________________

"Abantu babengaqondi ukonakala kwezinhliziyo zabo, nokuthi ngaphandle kukaKristu bekungeke kwenzeka ukugcina umthetho kaNkulunkulu; bangena ngokushesha kwisivumelwano noNkulunkulu. Bezizwa ukuthi bangamisa okwabo ukulunga, bathi, 'Konke akukhulumileyo uJehova siyakukwenza, silalele.' Eksodusi 24:7. Babengofakazi lapho kumenyezelwa umthetho ngobukhosi obesabekayo, futhi bethuthumela phambi kwentaba; kodwa emva kwamaviki ambalwa ngaphambi kokuba baphule isivumelwano sabo noNkulunkulu, futhi manje, bebona ukonakala kwabo nesidingo sokuxolelwa kwabo, balethwa ukuba bezwe isidingo sabo soMsindisi esambuliwe esivumelwaneni sikaAbrahama futhi besiyisithunzi semihlatshelo yeminikelo. Manje ngokukholwa nothando babeboshelwe kuNkulunkulu njengomkhululi wabo ebugqilini besono. Manje babekulungele ukuthokozela izibusiso zesivumelwano esisha."-*Patriachs and Prophets,* p. 371, 372.

**b. Yayiyini imibandela yalesi sivumelwano? Duteronomi 27:26; Hezekeli 20:11; Levi 18:5.**

______________________________________________________________________

**c. Ngokufanayo nesimo sethu semvelo, kuyini ababengakwazi ukuyiqonda? Jeremiya 17:9; Isaya 1:5, 6; 64:6.**

______________________________________________________________________

"'Anisoze namkhonza uJehova,' kusho uJeshuwa: ngoba unguNkulunkulu ongcwele….Angeke axolela iziphambeko zenu nezono zenu; ngaphandle kokuba kubekhona inguquko ehlala-njalo abantu kumele baholelwe ukuba bazizwe bengenakuzisiza ngempela ukunikela ukulalela kuNkulunkulu. Bawuphulile umthetho Wakhe, uyabalahla njengabeqi bomthetho, futhi awunikezanga indlela yokuphunyuka. Lapho bethembela emandleni abo nasekulungeni kwabo, kwakunzima kubo ukugcina ukuxolelwa kwezono zabo; babengafinyeleli kwizimfuno zokuphelela komthetho kaNkulunkulu, futhi kwakuyize ukuthi bathembisa ukuthi bazomkhonza uNkulunkulu. Kungenxa yokukholwa kuKrestu kuphela abangakwazi ukugcina ukuxolelwa kwesono bathole amandla okulalela umthetho kaNkulunkulu. Kufanele bayeke ukweyama kumizamo yabo ukuba basindiswe, uma bezokwamukeleka kuNkulunkulu."-Ibid., p. 524.

## 3. UKUQINISA ISIVUMELWANO

**a. Emva kokuba uMose esebafundele umthetho nayoyonke imibandela yawo yeziqalekiso nezibusiso, uIsrayeli wasabela kanjani ephindelela? Exodusi 24:7.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Izingqondo zabantu, ziphuphuthekiswe futhi zehliswa ubugqila babengakulungele ukuthokozela ngokugcwele izimiso ezifinyelele kude zemithetho eyishumi kaNkulunkulu. Nokuthi izibopho zomthetho kumele ziqondwe futhi zicindezelwe, izimiso ezengeziwe zanikezwa, zifanekiswa futhi zisebenzisa izimiso zemithetho elishumi. Ngokungafani nemiyalo elishumi, lezi zalethwa ngasese kuMose, owayezozidlulisela kubantu."-*Fundamentals of Chritian Education,* p. 506.

"UMose wabhala, hayi imithetho elishumi, kodwa izahlulelo lezo uNkulunkulu athe bazigcine, nezithembiso ngokuya ngombandela wokuthi bazomlalela. Wayifundela abantu, bathi ngokwabo bazolalela wonke amazwi uJehova awakhulumile. UMose wayesebhala isithembiso esizothile encwadini, wanikela ngomhlatshelo kuNuulunkulu ngenxa yabantu. Wayesekhipha incwadi yesivumelwano, wafundela abantu abalalele, base bethi, Konke akukhulumileyo uJehova siyakukwenza, silalele. UMose wayesethatha igazi, walifafaza ngalo abantu, ethi: Bhekani, nanti igazi lesivumelwano uJehova asenze nani ngawo onke lawamazwi.' Abantu baphinda amazwi esithembiso esizothile kuJehova ukwenza konke akukhulumileyo, bakulalele."-*The Spirit of Prophecy,* vol. 1, p. 240.

**b. Kuyini okwenziwa ngokushesha ukubonisa ubucayi besivumelwano esinjalo? Exodusi 24:6, 8.**

____________________________________________________________________________

____________________________________________________________________________

"Kanjalo abantu base beqinisa isithembiso sabo kuJehova ukwenza konke ayekushilo, nokulalela."-*The Signs of the Times,* Nhlaba 6, 1880.

"Lapha abantu bamukela imibandela yesivumelwano. Benza isivumelwano esizothile noNkulunkulu, befanekisa isivumelwano esenziwa phakathi kukaNkulunkulu nawowonke okholwa kuJesu Kristu. Imibandela yabekwa ngokubasobala phambi kwabantu. Abashiywanga ukuba bangaqondi. Lapho becelwa ukuba banqume ukuthi bazovumelana nayo yonke imibandela enikeziwe, ngokungazi bavuma ukulalela zonke izibopho. Base bevumile ukulalela imithetho kaNkulunkulu. Izimiso zomthetho zase zicacisiwe, ukuze bazi ukuthi kungakanani okufakiwe kwisivumelwano sokulalela umthetho; futhi bamukela imininingwane ecacisiwe yomthetho."-*Manuscript Releases,* vol. 1, p. 114.

## 4. ISIZUKULWANE ESIDUKILE

**a. Kwenzekani ngeningi lesizwe sakwa-Israyeli ngoba lehluleka ukuqonda ukungakwazi ukuzisindisa kwalo nokugcina umthetho ngokuphelele ngaphandle kosizo olungcwele? Abahluleli 26:63-65.**

"Konke esingakwenza thina ngokwethu kungcoliswe yisono."-*Christ's Object Lessons,* p. 311.

"UNikodemu wezwa ukushumayela kukaJohane uMbhapathizi maqondana nokuphenduka nokubhapathizwa, ekhomba abantu kuLowo okumele ababhapathize ngoMoya Ongcwele. Naye ngokwakhe wezwa ukuthi kwakukhona ukusilela kwesimoya phakathi kwamaJuda, futhi, ngezinga eliphakeme, babelawulwa ubandlululo nokuthanda ilizwe. Wayefisa isimo esingcono sezinto ekubuyeni kukaMesiya. Kodwa isigijimi esihlola inhliziyo soMbhapathizi sehluleka ukusebenza kuye ukubonisa isono. UbengumFarisi oqinile, ezigabisa ngemisebenzi yakhe emihle. Wayehlonishwa kakhulu ngenxa yokulunga kwakhe nokupha kwakhe ekusekeleni inkonzo yasethempeleni, futhi wazizwa elondekile emseni kaNkulunkulu. Wethuka uma ecabanga ukuthi umbuso uhlanzeke kakhulu ukuthi angawubona ekulesimo akuso."-*Desire of Ages,* p. 171.

**b. Ingabe inkinga beyiku-kuNkulunkulu noma kubantu kulesivumelwano "esiDala"? Heberu 8:8.**

________________________________________________________________________

"UMkrestu wemvelo! Lombono okhohlisayo ukhonzwa ngabaningi njengengubo yokulunga kwabo, futhi oholele abaningi ukucabanga ngethemba elikuKristu, ongenamava olwazi Ngaye, amava Akhe, izilingo Zakhe, ukuphila Kwakhe kokuzidela nokuzinikela. Ukulunga kwabo abathembele kukho kakhulu kuyindwangu engcolile kuphela. Kusho uKristu, uThishela Othandekayo: 'Lowo othanda ukuza emva Kwami, makazidele, athabathe isiphambano, aNgilandele.' Yebo, Mlandele ebubini nasebuhleni nasembikweni emuhle. Mlandele ebudlelwaneni nabaswele kakhulu nabangenabo abangane."- *Testimonies for the Church,* vol. 2, pp. 177, 178.

"Kuyini okwakha usizi, ukuhambaze, kwalabo abazizwa becebile futhi nabakhulelwa yimpahla? Kungenxa yokufuna ukulunga kukaKristu. Ngenxa yokulunga kwabo bafanekiswa njengabambethe izingubo ezingcolile, kodwa ngalesimo bayazikhohlisa ukuthi bembethe ukulunga kukaKristu. Inkohliso ingaba yinkulu? Njengoba ifanekiswa ngabaprofethi, bangakhala bathi, 'Nanti ithempeli likaJehova, ithempeli likaJehova' (Bheka kuJeremiya 7:4), lapho izinhliziyo zabo zigcwele ukuhwebelana okungcolile, nokuthengiselana okungcolile."-*This Day with God,* p. 228.

## *Ngolwesine* **Ndasa 16**

### 5. UKUDINGEKA KWESINYE ISIVUMELWANO

**a. Njengoba isivumelwano esidala singenalusizo kangaka, yisiphi isithembiso kuphela esingaletha ithemba kulabo besikhathi seTestamende Elidala? Jeremiya 31:31-33.**

---

"Ngokukholwa kuJesu ukulalela zonke izimiso zomthetho kwenziwa kwenzeke.

"Umoya wobugqila ugqugquzelwa ukufuna ukuphila okuhambisana nenkolo esemthethweni, ngokulwela ukugcwalisa lokho okushiwo ngumthetho ngamandla ethu. Likhona ithemba lethu uma siza ngaphansi kwesivumelwano somusa sokukholwa kuKristu Jesu. Ivangeli elashunyayelwa kuAbrahama, lelo ayenethemba ngalo, bekuyivangeli elifanayo elishunyayelwa kithi namuhla, esinethemba ngalo. UAbrahama wabheka kuJesu, onguMqalisi Nomphelelisi wokukholwa kwethu."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments], vol. 6, p. 1077.

**b. Yisho amanye amaqhawe eMibhalo amukela lezithembiso zosizo olungcwele? Heberu 11:4-32.**

"Iminyaka ngeminyaka amaqhawe okholo aphawulwa ngobuqotho bawo kuNkulunkulu, futhi alethwa ngokusobala phambi kwezwe ukuze ukukhanya kwabo kukhanye kulabo abasebumnyameni. UDanyeli nabangane bakhe abathathu bayizibonelo ezinhle zamaqhawe obuKrestu. Kusukela kumava abo esigodlweni saseBhabhilona singafunda lokhu uNkulunkulu azokwenzela labo abamkhonza ngenjongo ephelele yenhliziyo."-*My Life Today,* p. 68.

## *Ngolwesihlane* **Ndasa 17**

### IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Silandela kanjani okwenzeka kumaHeberu ngokungakwazi ukuqonda ukubaluleka kweqiniso lomthetho wokuziphatha ongcwele?**
2. **Kungani bavele bangena ezithembisweni ababengeke bazigcina?**
3. **Siholelwa kanjani kalula ekwenzeni izithembiso ezifanayo kuNkulunkulu namuhla?**
4. **Kuyini okwakuqhubeka kwenzeka futhi phakathi kwensali yembali yakwaIsrayeli?**
5. **Yiziphi izibonelo esinazo, eziveza ukuhlubuka kwesizwe sonke akusona isizathu sokuthethelela ukholo lwethu oluntengantengayo?**

**Isifundo 12** **ISabatha, Ndasa 25, 2023**

# Wozani-ke Sithethe Indaba

**IVESI LEKHANDA: "Wozani-ke sithethe indaba," usho uJehova; "noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengobubende, ziyakuba njengoboya bezimvu" (Isaya 1:18).**

"Umthetho kaNkulunkulu ubuyisisekelo sesivumelwano [esisha], uhlelo olulula lokubuyisela abantu ekuvumelaneni nentando engcwele, sibabeke lapho bengakwazi ukulalela khona umthetho kaNkulunkulu."-*Patriachs and Prophets,* p. 371. [Kuyagcizelelwa]

**Incwadi Enikeziwe:** *Thoughts from the Blessings*, pp. 45-77.

## *NgeSonto* *Ndasa 19*

### 1. IZIVUMELWANO EZIMBILI

**a. Ukuze kuthiwe ulungisisiwe phambi kukaNkulunkulu, hlobo luni lwesivumelwano oludingekayo ohlangothini lwethu? Amahubo 50:5.**

______________________________________________________________________

**b. Ukuze senze isivumelwano esinjalo, yisiphi isimo sengqondo okufanele sibenaso? Isaya 1:18.**

______________________________________________________________________

**c. Uhlobo olunjani lwesivumelwano esinekezwa lona? Heberu 8:6-13.**

"Igama elithi 'isivumelwano esidala'lichaza ukuthi, lalela futhi uphile: 'Uma umuntu ezenza, uyakuphila ngazo' (Hezekeli 20:11; Levi 18:5); kodwa 'makaqalekiswe ongawaqinisi amazwi alomthetho ukuba awenze.' Duteronomi 27:26. 'Isivumelwano esisha' sasekelwa phezu 'kwezithembiso ezingcono'-isithembiso sokuthethelelwa kwezono nomusa kaNkulunkulu ukwenza busha inhliziyo nokuyiletha ekuvumelaleni nezimiso zomthetho kaNkulunkulu. 'Kepha yilesi isivumelwano engiyakusenza nendlu kaIsrayeli emva kwalezi zinsuku: *ngiyakufaka umthetho wami* ezibilini zabo, ngiwulobe ezinhliziyweni zabo….Ngokuba *ngiyakuthethelela* ububi babo, nesono sabo angisayi-kusikhumbula.' Jeremiya 31:33, 34."-*Patriachs and Prophets,* p. 372. [Ukugcizelela kombhali.]

## 2. KUNGANI ISIVUMELWANO SIDINGEKA

**a. Kuyini okusehlukanisa ekubeni nobudlelwano noMdali wethu? Isaya 59:2. Kuyini okusifanele? Genesis 2:17; Roma 6:23.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Ngokushesha uAdamu wawela esilingweni sikaSathane, wenza kona lokho uNkulunkulu athi angakwenzi, uKristu, iNdodana kaNkulunkulu, wema phakathi kophilayo nofileyo, ethi: 'Isijeziso masiwele phezu Kwami. Ngizokuma endaweni yomuntu. Munike esinye isilingo.' Ukweqiwa komthetho kwabeka umhlaba wonke ngaphansi kwesigwebo sokufa. Kodwa ezulwini kwezwakala izwi lithi, 'Ngitholile inhlawulelo.' Lowo ongasazanga isono wenziwa onesono ngomuntu owileyo. 'UNkulunkulu walithanda izwe kangaka, wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, kodwa abe-nokuphila okuphakade.' UKristu wakhumula ingubo Yakhe yobukhosi nomqhele wobukhosi, walahla ukubusa Kwakhe kwalo lonke izulu. Wembathisa ubungcwele Bakhe ngobuntu, ukuze athwale bonke ubuthakathaka wabekezelela zonke izilingo zomuntu. Ubengumuntu wosizi, futhi ejwayelene nobuhlungu. Yebo yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, yachotshozwa ngobubi bethu. Isijeziso sasiphezu Kwayo ukuba sibe nokuthula, nangemivimbo Yayo siphilisiwe thina. Ngenxa yethu waba ngompofu, nangenxa yobumpofu Bakhe ukuba senziwe abanothile. Ngenxa yethu Washiya ukukhonzwa yizingelosi ukuba athukwe ajeziswe isixuku esihlanyiswa ngabapristi nababusi."-*The Signs of the Times*, Nhlangulana 27, 1900.

**b. Malungiselelo-mani uNkulunkulu awenza kusukela ekuqaleni ukuze agweme isigwebo sokufa? Jobe 33:24; qhathanisa 1 Johane 4:19; Isambulo 13:8.**

______________________________________________________________________

______________________________________________________________________

"Icebo lensindiso yethu alizange libe ngumcabango wamuva, icebo elakhiwe emva kokuwa kukaAdamu. Bekuyisambulo 'semfihlakalo ebifihliwe ngezikhathi zaphakade.' Roma 16:25.R.V. bekungukwembulwa kwezimiso kusukela ezikhathini zaphakade bezilokhu ziyisisekelo sesihlalo sobukhosi sikaNkulunkulu. Kusukela ekuqaleni, uNkulunkulu noKristu bebazi ngokuhlubuka kukaSathane, nokuwa komuntu ngenxa yokukhohliswa ngamandla ohlubuko. UNkulunkulu akazange abeke umthetho wokuthi isono sibekhona, kodwa wabonela phambili ukubakhona kwaso, wenza amalungiselelo okuhlangabezana nesimo esibi esiphuthumayo. Lwalukhulu uthando Lwakhe ngomhlaba, futhi Wathembisa ukunikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa, 'ukuthi yilowo nalowo okholwayo Yiyo angabhubhi kodwa abe-nokuphila okuphakade.' Johane 3:16."-*The Desire of Ages*, p. 22.

## 3. INZALO YOWESIFAZANE

**a. Lapho Inyoka endala, uSathane, ikhohlisa abazali bethu bokuqala e-Edeni, isiphi isithembiso siuNkulunkulu asenza esinikeza ithemba kwisizwe soluntu? Genesis 3:15.**

________________________________________________________________________

"Imikhuba yethu yemvelo, ngaphandle kokuthi ilungiswe nguMoya Ongcwele, inembewu yokuziphatha okufileyo. Ngaphandle kokuthi sixhumane kakhulu noNkulunkulu, asikwazi ukumelana nomphumela ongagcweliswanga wokuzithanda, ukuzitika, kanye nesilingo sokona."-*Testimonies for the Church*, vol. 8, pp. 315, 316.

**b. Ingubani lenzalo yowesifazane? Genesis 22:18; Galathiya 3:8, 16; Heberu 2:14.**

________________________________________________________________________

"Selokhu kwashunyayelo ivangeli lokuqala, lapho e-Edeni kumenyezelwa ukuthi inzalo yowesifazane iyakuchoboza ikhanda lenyoka, uKristu waphakanyiswa njengendlela, neqiniso, nokuphila. Ubeyindlela uma uAdamu ephila, lapho uAbela eletha kuNkulunkulu igazi lewundlu elihlatshiwe, elimele igazi loMhlengi. UKristu ubeyindlela leyo okhokho nabaprofethi abasindiswa ngayo. Uyindlela thina kuphela esingasondela ngayo kuNkulunkulu."-*The Desire of Ages*, p. 663.

**c. Njengoba uAbrahama wayengathembelanga komunye ukuthi nguKristu kuphela othethelela izono (Galathiya 3:6-8), yabayini imiphumela yalolo hlobo lokholo? Genesis 26:5.**

"Ukufa kukaKristu esiphambanweni kwaqinisekisa ukubhujiswa kwalowo onamandla okufa, ongumqambi wesono. Uma uSathane ebhujiswa, akukho umuntu ozolingelwa ebubini; isihlengo asidingi ukuphindwa; angeke kwabakhona ingozi yolunye uhlubuko emhlabeni kaNkulunkulu. Yikona kuphela okungavimbela isono kulomhlaba omnyama, kuzovimbela isono ezulwini. Ukubaluleka kokufa kukaKristu kuzobonwa ngabangcwele nezingelosi. Abantu abawileyo angeke babe-nekhaya eparadesi likaNkulunkulu ngaphandle kweWundlu elahlatshwayo kusukela ekusekelweni komhlaba. Asingeke yini saphakamisa isiphambano sikaKristu-na? Izingelosi zinika uKristu udumo nenkazimulo, ngokuba nazo azivikelekile ngaphandle kokubheka ukuhlupheka kweNdodana kaNkulunkulu. Kungenxa yokuphumelela kwesiphambano ukuthi izingelosi zezulu zivikelwe ekuhlubukeni. Ngaphandle kwesiphambano babengeke bavikeleke ebubini njengoba kwakunjalo kwizingelosi ngaphambi kokuwa kukaSathane. Ukuphelela kwezingelosi kwehluleka ezulwini. Ukuphelela komuntu kwehluleka e-Edeni, iparadesi lenjabulo. Bonke abafisa ukulondeka emhlabeni noma ezulwini kumele babheke iWundlu likaNkulunkulu."-*The SDA Bible Commentary* [E.G.White Comments] vol. 5, p. 1132.

## 4. UKUQINISWA KWESIVUMELWANO

**a. Noma lesivumelwano senziwa noAdamu senziwa kabusha kuAbrahama, futhi sizoqinisekiswa nini-futhi sabizwa ngesivumelwano esisha noma esesibili? Heberu 9:16.**

______________________________________________________________________

"Noma lesivumelwano senziwa noAdamu savuselelwa kuAbraham, besingeke sagunyazwa kuze-kube sekufeni kukaKristu. Besikhona ngesithembiso sikaNkulunkulu kusukela ekufikeni kokwaziswa kokuhlengwa; besamukelwa ngokukholwa; kodwa lapho siqinisekiswa nguKristu, sibizwa ngokuthi isivumelwano *esisha*."-*Patriachs and Prophets*, pp. 370, 371. [Ukugcizelela kombhali]

**b. Uma sasingazange saqiniswa kwaze kwaba sekufeni kukaJesu, sisebenza kanjani kulabo bantwana beNkosi yasezulwini ngaphambi kwesiphambano? Heberu 6:13-18.**

______________________________________________________________________

"Isivumelwano sikaAbrahama saqiniswa ngegazi likaKristu, futhi sibizwa ngokuthi isivumelwano 'sesibili,' noma 'esisha,'ngoba igazi elabekwa uphawu ngalo lachithwa emva kwegazi lesivumelwano sokuqala. Ukuthi isivumelwano sasebenza ezinsukwini zikaAbrahama singubufakazi bokuthi saqiniswa ngesithembiso nangesifungo sikaNkulunkulu-ukuze ngezinto ezimbili ezingeguquleke, uNkulunkulu angeqambe amanga ngazo.' Heberu 6:18."-*Patriachs and Prophets*, p. 371.

"Izwi Lakhe liyisithembiso. Izintaba zizokwehlukana, namathafa azakususwa, kodwa umusa Wakhe angeke usuke kubantu Bakhe, futhi izwi Lakhe lizwakala lithi 'Ngikuthandile ngothando oluphakade; (Jeremiya 31:3). 'Kepha ngomusa ongapheliyo ngiyakukuhawukela' (Isaya 54:8). Luyamangalisa lothando, ukuthi uNkulunkulu uyehlisa ukuze asuse yonke imbangela yokungabaza ekwesabeni komuntu kanye nokuba buthakathaka futhi abambe isandla esiqhaqhazelayo esifinyelela Kuye ngokukholwa; futhi uSisiza ukuba simethembe ngeziqiniseko eziningi nokuvikeleka. Usenzele isivumelwano esobophayo phezu kwemibandela yokulalela kwethu, futhi uyeza ukusihlangabeza ekuqondeni kwethu izinto. Sicabanga ukuthi isibambiso noma isithembiso kubazalwane bethu, uma zibhaliwe, kusadinga isiqiniseko. UJesu wahlangana nokwesaba okungajwayelekile, futhi waqinisekisa isithembiso Sakhe ngesifungo: Lapho kuNkulunkulu, ethanda kakhulu ukubonisa izindlalifa zesithembiso ukungaguquki kwecebo Lakhe, wakuqinisa ngesifungo….'Kuyini iNkosi yethu engakwenza ukuqinisa ukholo lwethu ezithembiswe Zayo-na?"-*That I May Know Him*, p. 262.

## *Ngolwesine* **Ndasa 23**

## 5. IZIBHEBHE ZENHLIZIYO

**a. Ngenxa yomhlatshelo kaKristu esiphambanweni, yiliphi ithuba esilitholayo? Heberu 9:15.**

**b. Yisiphi isicelo uNkulunkulu asenza komunye nomunye wethu mathupha njengoba sihlola ukuziphendulela kwethu phambi kukaNkulunkulu? 2 Korinte 6:2.**

"Umthetho ofanayo owabhalwa phezu kwezibhebhe zamatshe ubhalwe nguMoya Ongcwele phezu kwezibhebhe zenhliziyo. Esikhundleni sokumisa ukulunga okungokwethu masamukele ukulunga kukaKristu. Igazi Lakhe lihlawula izono zethu. Ukulalela Kwakhe kuyamukelwa ngenxa yethu. Bese inhliziyo ivuselelwa nguMoya Ongcwele ukuveza 'izithelo zikaMoya.' Ngomusa kaKristu sizophila ngokulalela umthetho kaNkulunkulu obhalwe ezinhliziyweni zethu. Uma sinoMoya kaKristu, sizohamba njengoba wahamba Yena. Ngeziprofetho uthi Ngaye,'Ngiyathanda ukwenza intando yakho, Nkulunkulu wami: nomthetho Wakho usenhliziyweni yami.'Amahubo 40:8. Futhi uma ephakathi kwabantu Uthi, 'UBaba-unami kangishiyanga ngedwa; ngokuba ngenza njalo okuthandeka Kuye.' Johane 8:29.

"Umpostoli uPawule ngokusobala uletha ubudlelwano phakathi kokukholwa nomthetho ngaphansi kwesivumelwano esisha. Uthi: *'Ngokulungisiswa ngokukholwa,* sinokuthula kuNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Kristu.' 'Ngakho-ke umthetho siwenza ize ngenxa yokukholwa-na? Qha nakanye: kodwa siyawuqinisa umthetho.' 'Ngokuba lokho okwehlula umthetho, ngokuba ungenamandla ngenxa yenyama.'-ngokuba ungakwazi ukulungisisa umuntu, ngoba ngemvelo yokona kwakhe engakwazi ukugcina umthetho-'UNkulunkulu wathumela indodana Yakhe ifana nenyama yesono, nangenxa yesono walahla isono enyameni; ukuthi *ukulunga komthetho* ukuze umyalo womthetho ugcwaliseke kithina, esingahambi ngokwenyama, kepha ngokukaMoya.' Roma 5:1; 3:31; 8:3, 4."-*Patriachs and Prophets*, pp. 372, 373. [Ukugcizelela kombhali.]

## *Ngolwesihlanu* **Ndasa 24**

## IMIBUZO YOMUNTU NGAMUNYE

1. **Mava-mani onawo mayelana nokwenza izivumelwano noNkulunkulu?**
2. **Kungani uNkulunkulu wayekulungele lapho uAdamu ona-na?**
3. **Imiphi imifanekiso uNkulunkulu ayisebenzisayo ukuze sihlale sikhumbula uMesiya ozayo?**
4. **Sazi kanjani ukuthi uAbrahama wayengaphansi kwesivumelwano esisha-na?**
5. **Hlobo-luni lwesivumelwano noma ukuvumelana ozimisele ukusenza noMdali wakho?**

# Ukucabanga Ngenguquko

"UJesu walingwa ngezindlela zonke njengathi, ukuze azi ukuthi angabasiza kanjani abafanele ukulingwa. Ukuphila Kwakhe kuyisibonelo sethu. Wabonisa ngokulalela Kwakhe kokuzithandela ukuthi umuntu angagcina umthetho kaNkulunkulu nokuthi ukweqa umthetho, uma engawulalel, kumfaka ebugqili. UMsindisi wayegcwele uzwelo nothando; akazange adelele abaphenduke ngokweqiniso, noma likhulu kangakanani icala labo, kodwa wayekukhuza kanzima ukuzenzisa kwalo lonke uhlobo. UJwayelene nezono zabantu, wazi zonke izenzo zabo afunde nokuqondiwe okufihlakele; kodwa akabafulatheli ebubini babo. Uyabancenga akhulume nesoni, futhi ngomqondo owodwa-ukuthi Yena azalwe ebuthakathakeni bomuntu-wazibeka ezingeni elilingana nelakhe. 'Wozani-ke, sithethe indaba, usho uJehova; noma izono zenu zibomvu kakhulu, ziyakuba mhlophe njengeqhwa; noma zibomvu njengobubende, ziyakuba njengoboya bezimvu.'

"Umuntu, ongcolise umfanekiso kaNkulunkulu emphefumulweni wakhe ngokuphila kwakhe okonakele, akakwazi, ngomzamo nje womuntu, azenzele inguquko enkulu ngokwakhe. Kufanele amukele amalungiselelo evangeli; kufanele abuyisane noNkulunkulu ngokulalela umthetho Wakhe nokukholwa kuJesu Kristu. Ukuphila kwakhe kusukela lapho kufanele kubuswe isimiso esisha. Ngokuguquka, ukukholwa, nemisebenzi emihle izophelelisa isimilo esilungile, futhi abize, ngokufaneleka kukaKristu, amalungelo amadodana kaNkulunkulu. Izimiso zeqiniso elingcwele, ezamukelwayo futhi zithokozelwa enhliziyweni, zizosifikisa ekuphakameni kokuziphatha okuhle ebesingazange sicabange ukuthi singakwazi ukufinyelela kukho….

"Nanku umsebenzi umuntu okumele awenze. Kufanele abheke esibukweni, somthetho kaNkulunkulu, ahlukanise amaphutha okuziphatha esimilweni sakhe, asuse izono zakhe, ahlanze ingubo yesimilo egazini leWundlu. Umona, ukuzidla, inkohliso, ukuxabana, nobugebengu kuzohlanzwa enhliziyweni eyamukela uthando lukaKristu futhi elondoloza ithemba lokwenziwa njeNgaye….

"Kodwa umfutho wethemba levangeli awusoze waholela isoni ukuba sibheke insindiso kaKristu njengendaba yomusa wesihle, kuyilapho siqhubeka ukuphila ngokwephula umthetho kaNkulunkulu. Lapho ukukhanya kweqiniso kwehlela engqondweni sizoqonda ngokugcwele izimfuno zikaNkulunkulu futhi siqaphela izinga leziphambeko zaso, sizophenduka ezindleleni zaso, sithembeke kuNkulunkulu ngamandla esiwathole kuMsindisi waso, futhi sizophila impilo entsha nemsulwa."-*Testimonies for the Church*, vol. 4, pp. 294, 295.